# *NAMUHLA LOMBHALO UGCWALISEKILE*

Yibani nilokhu nimile, uma nithanda, sisakhothamisa amakhanda ethu okwezwi lomkhuleko.

2 Baba waseZulwini othandekayo, sibonga kakhulu kulobubusuku ngalokhu, elinye ithuba ukuba size futhi sethule leli elikhazimulayo, iVangeli likaJesu Kristu eliyisimangaliso. SiyaKubonga ngenxa yokuthi Usalokhu engonguye izolo, namuhla, naphakade. SiyaKubonga ngalababantu ababuthene ngaphandle lapha ngesikhathi salesisimo sezulu esibandayo, futhi belokhu benamathemba abo amakhulu, bebuka, bekholwa ukuthi into ethize engavamile izophiwa thina ivela kuNkulunkulu. Siza sinalelothemba, Nkosi, emihlanganweni yonke. SiyaKubonga ngezinkonzo, ebusuku bakuthangi, eTabernakele; siyaKubonga ngenkonzo lapha izolo kusihlwa, nangenkonzo namhlanje, eTabernakele. Sibheke manje lokho Ozosipha khona kulobubusuku.

3 Baba, siyazi ukuthi noma ubani okwazi ukunyakazisa izandla zabo bangakwazi ukuphenya amakhasi eBhayibheli, kodwa uYedwa kuphela OngaLenza liphile futhi libe yilo ngempela, futhi lowo nguWe. Futhi, Baba, sibheke Wena ukuba wenze lokho kulobubusuku. Sibusise ngandlela zonke. Izinhliziyo zethu zigcwele kakhulu injabulo njengoba sibona isikhathi sisondela lapho sizohlangana naYe, ubuso nobuso, Lowo ebesimthanda futhi samphilela kuyo yonke leminyaka.

4 Abaningi abasha abaphendukile, Nkosi, wenziwe. Siyaqonda ukuthi isixuku esikhulu, amashumi amane noma amashumi amahlanu, sizobhaphathizwa eGameni laKho, ekuseni, enkonzweni ebiyizolo ebusuku. O Nkulunkulu, ngiyacela qhubeka, siyakhuleka, kuze kube lapho iNzalo kaNkulunkulu eyamiselwa ngaphambili isikubonile ukuKhanya kweVangeli, futhi yangena esibayeni.

5 Sicela Wena ukuba usifihle kulobubusuku emva kweZwi; siphuphuthekise ezintweni zezwe, futhi asibone uJesu. Kwangathi kungabakhona ulwazi lwesipiliyoni phakathi kwethu saseNtabeni yokuGuqulwa isimo, kulobubusuku, ukuthi singaboni lutho ngaphandle kukaJesu yedwa. Sikucela eGameni laKhe, nangenkazimulo yaKhe nokuqinisekisa kweVangeli laKhe. Amen.

Ningahlala phansi.

6 Ngizophendula lombhobho nje, noma lelideski, lithi nje ukugudlukela eceleni kancane, uma kulungile, ukuze ngikwazi

ukubona macala omabili ezithameli. Ngiqagele ngingayibeka khona lapha lemibhobho kahle. Kulungile, umzuzwana nje.

7 Siyabingelela, ehholo elikhulu lapha kulobubusuku, abangane bethu eArizona, eCalifornia, eTexas, nakwiUnited States yonke, ngendlela yotelefoni. Lokhu, lokhu kuya esizweni esibanzi, lenkonzo kulobubusuku, ngendlela yotelefoni, ngakho sethemba ukuthi uNkulunkulu uzosibusisa.

8 Niyezwa, emuva e—ehholo elikhulu ngakwesokunxele na? Kulungile, bazohlola manje uhlelo lukatelefoni, ukubona ukuthi lusebenza kahle yini.

9 Wonke umuntu uyajabula kulobubusuku na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] Bathi, lokho kuhle! Ngapha na? ["Amen.] Amen. Ngijabula kakhulu ukubona ukuthi nonke nihlezi ngokuthokomala.

10 Futhi manje kusasa ebusuku, uma izixuku ziqhubeka nokwanda, nazo futhi zizoxhumana ngotelefoni ngqo. Kukhona kulobubusuku. Ngicabanga ukuthi abanye babo usezansi eTabernakele.

11 Futhi, kusasa ekuseni, izinkonzo ngeke zibekhona eTabernakele, ngoba i . . . kuzobakhona usozimbali lapho ehlobisa indlu yesonto enzela umshado wakusasa ntambama. Futhi bazedlulisile i—izinkonzo, ekuseni, zenyukela ebandleni likaMfowethu Ruddell, omunye wabahambisana nathi, nasenhla e—emgwaqeni omkhulu lapha, amashumi amabili nesithupha. Ngabe kumenyezelwe na? [UMfowethu Neville uthi, "Yebo."—Umhl.] Kumenyezelwe. Futhi, uma kuchichima phezulu lapho, sizothatha abasele bese sithumela omunye umfundisi ezansi kwaMfowethu Junior Jackson, ezansi eClarksville. Isizathu sokuba sibe nayo kwaMfowethu Ruddlle, kuseduze lapha, futhi singa . . . futhi sicabange ukuthi lokho ningakuthola kalula. Futhi sizobe-ke sesikunakekela ngenye indlela. Futhi siqiniseke ukuba sifake yonke leyomibhaphathizo kusasa, futhi ngethemba ukuthi kuzobakhona elinye ikhulu noma amabili enezelwa kulabo okombhaphathizo kusasa. Futhi manje kusasa ebusuku . . .

12 Angithandi neze ukumemezela noma yini enikhuluma ngayo ngaphambi kwesikhathi, kodwa ubusuku obubodwa enkonzweni, noma usuku olulodwa, ngifuna ukukhuluma ngendaba ethi: *Ubani LoMelkisedeki Na?* Ngoba, yi—yindaba engicabanga ukuthi siphila esikhathini lapho lezizambulo, ekade kungumbuzo kusukela phansi onyakeni, wokuthi, "Ungubani loMfo na?" Futhi ngikholwa ukuthi uNkulunkulu unempendulo, ukuthi WayenguBani. Abanye bathi, "ubupristi," abanye bathi, "inkosi," abanye . . . Kodwa kukhona . . .

13 Inqobo nje uma kukhona umbuzo, kuzofanele kubekhona impendulo kulowombuzo, eshaya khona. Ngeke kwaba ngumbuzo ngaphandle kokuba kube yimpendulo kuqala.

14 Manje, sethemba ukuthi uNkulunkulu uzosipha isibusiso kulobubusuku eZwini laKhe, njengoba siLifunda.

15 Futhi nike na . . . UBilly ungitshele ukuthi nginitshele ukuthi nibe nobambiswano oluhle ngempela nabantu lapha ekade besohlelweni lokupaka, amaphoyisa nakho konke. Kugcineni njalo; lokho kuhle, kuhle kakhulu.

16 Sethemba ukubona isikhathi, mhlawumbe esikhathini esiseduze esizayo, lapho mhlawumbe esingaletha khona ithende lapha edolobheni bese silimisa lapha enkundleni yebeyisbholi, lapho esingahlala khona isikhathi esithile eside, mhlawumbe amaviki amathathu noma amane, imvuselelo, njalo nje. Futhi lapha sicishe singazani, futhi manje-ke sesizofanele sithi nisale kahle bese siyahamba futhi. Kodwa ngithanda ukuza futhi ngihlale uhambo olubanzi, ngesinye isikhathi lapho eningahlala khona ukuze singavali ebusuku noma obubili, kodwa nje ukuhlala futhi sifundise, imini nobusuku, imini nobusuku, njalonjalo. Mhlawumbe omunye aye ekhaya aphe izinkukhu, asenge amankomazi, bese ebuya ngeviki elizayo bese eqhubeka nenkonzo. Ngi—ngiyakuthanda lokho. Ngakho iNkosi ibe nani.

17 Manje, ngaphambi kokuba ngihambe, mhlampe ngeSonto ekuseni noma ngeSonto ebusuku, noma okuthize, enye yalezizinkonzo, ngiyazi nonke nilinde ukuzwa uMlayezo ngeQiniso elimayelana no *Mshado NesaHlukaniso,* okungenye yezinkinga zosuku. Futhi nje ngineqiniso impela njengoba ngimi lapha, ngikholwa ukuthi impendulo eqinisileyo iseZwini likaNkulunkulu, futhi nge—ngethemba ukuthi yilokho engethembise ukukubuyela.

18 Futhi ngithi, ngokwazi, ngokwazi kwami, ngifuna ukuba nenye inkonzo lapha eJeffersonville, ngeSonto lePhasika, futhi sizo . . . okwenkonzo yokuphuma kwelanga, bese-ke kuba yiSonto lePhasika. Ngakho sizokumemezela ngaphambili futhi sizame mhlawumbe ukuthola ihholo lesikole, uma kungenzeka, noma ndawo ndawo, kweyangeSonto, mhlawumbe sifike ngoMgqibelo nangeSonto. Ngizodingeka ngindize ngingene ngibuye ngiphume, ngoba kuseduze kwesikhathi . . . Ngifanele ngikuhlole, kuqala, nohlu enginalo, nolunye lohlu lohambo lwami—lwami eCalifornia. Bese-ke, masinya emva kwalokho, ngifanele ngehlele e—eAfrika. Ngakho nisithinte futhi nisikhulekele.

19 Manje, kulobubusuku, ngifuna ke ninake ingxenye yeZwi likaNkulunkulu, elitholakala esahlukweni 4 sikaLuka oNgcwele. Isahluko 4 evesini 16, sizoqala khona, uJesu ekhuluma.

*. . . Namuhla leli*Zwi *ligcwalisekile ezindlebeni zenu.*

20 Manje sifuna ukukhipha, kuLokho, isiphetho sokuthi iZwi likaNkulunkulu linamandla okuhambisa kanjani! Manje, sonke

singazicabanga izihambisimshini, kodwa kuthatha aMandla okuhambisa ukuLenza lisebenze.

21 Singacabanga ukuthi yini izihambisimshini zomshini, imoto, kodwa-ke kuthatha amandla okuhambisa ukwenza amasondo ahambe asebenze futhi anyakaze.

22 Manje, uJesu wayekade ebuyele e—eNazaretha, lapho Ayondliwa khona. Phansi emBhalweni lapha, sithola ukuthi bathi, "Sezwa ukuthi Wenza *lokhu-nalokhu* ngale eKapernawume. Manje masiKubone ukwenza lapha ezweni laKini uQobo."

23 UJesu wathi, "U—umprofethi kadelelwa ngaphandle kwasezweni lakubo." Futhi, kusobala, yilapho owondliwa khona, nalapho abantu bekwazi khona. Futhi lapho Waba ne—ne—negama elibi, kuqala nje, ngaYe ezalwe ngaphandle kukababa wasemhlabeni. BabeMbiza ngo "mntwana wesihlahla," ukuthi uMariya eqinisweni wayekhulelwe ngaphambi kokuba ashade, ngokomthetho, noJosefa. Kodwa, lokho akunjalo, siyazi ukuthi akunjalo.

24 Futhi kulomBhalo, okungenze ukuba amehlo ami awele kulo, kube yinto esandukwenzeka maduze nje ePhoenix, eArizona. Kwakuwusuku lokugcina, lwenkonzo engangizokhuluma kuyo eNgqungqutheleni yaMazwe ngamazwe yoSomaBhizinisi beFull Gospel.

25 Nakulengqungquthela kwakukhona isivakashi esasikanye nathi, esasingumbhishobhi wamaKatolika, okungukuthi, ungowe "Chaldean Rites yebandla leApostolic Catholic; uMfu. oHlonipheke kakhulu uJohn S. Stanley, O.S.D." Ungu "mbhishobhi omkhulu wedolobha elikhulu le UNited States," ebandleni eliKatolika. *Lokhu* kwenzeka ukuthi kube sekhadini lakhe nelakhe—nekheli lakhe.

26 Futhi wayeyisivakashi noSoMabhizinisi abangamaKristu, futhi ngangimbone lapho, ngayizolo. Futhi ngenkathi ngikhuluma ngoMgqibelo ebusuku, ngikholwa ukuthi kwakuyiwo, noma ngoMgqibelo ekuseni ekudleni kwasekuseni, futhi ngi. . .Lapho ngisakhuluma, wayelokhu engibukisisa. Ngacabanga, "Lowomuntu akavumelani ngempela nakho konke engikushoyo." Futhi, niyazi, wawu—wawungambona nje; wayelokhu enqekuzisa ikhanda phansi-phezulu, kodwa ngangingazi ukuthi ngempela yini eyayisebenza kuye.

27 Ngakho ngeSonto ntambama, ngenkathi ngisukuma ukuba ngikhulume, ngangizothatha indikimba yami ngokuthi *iziNhlungu zokuZala,* lapho uJesu asho khona, ukuthi, "Njengowesifazane ebeletha kabuhlungu umntwana," uzwa ubuhlungu ekuzaleni. Futhi ngakho lapho ngangisazokhuluma kusukela lapho, njengokuthi, *iziNhlungu zokuZala,* indaba, ngithi izwe lisezinhlungwini zokuzala manje. Elidala

lizopheliswa, ukuze kuzalwe elisha; kufana nje ne—nembewu ifanele ibole, ukuze inikeze ukuphila okusha.

28 Nokuthi zikanjani izinhlungu, izinhlungu zokuzala yashaya izwe! EMpini yokuQala yoMhlaba, laba nezinhlungu ezesabekayo, ngoba babenegesi ewuphoyizeni, kanjalonjalo, eyayingacishe impela ibhubhise izwe. NaseMpini yesiBili yoMhlaba, lashaya ezinye, ubuhlungu obul'khuni kakhudlwana; babenodalimede, kanti futhi nebhomu le atomu. Ngeke lisawumela omunye umsiko. Nalemicibisholo ejikijelwayo nezinto namhlanje, enye futhi impi iyoliphosa liyongena emkhathini, ngoba manje liyobelethwa. Futhi kuyoba khona uMhlaba oMusha. IBhayibheli lathi uyoba khona.

29 Phansi kwawo wonke uMlayezo womprofethi, uIsrayeli waba nobuhlungu bokuzala, ngenxa yokuthi lababaprofethi bayofika enkundleni emva kokuba osiyazi bezenkolo nabefundisi basesontweni beyoba nebandla lonke lisesimweni senhlangano. Futhi lapho labobaprofethi befika enkundleni noISHO KANJE INKOSI, bazamazamisa lawomabandla, futhi laba nobuhlungu bokuzala. Ekugcineni, laba nezinhlungu zokuzala zaze zayoshaya phezulu laze labeletha iNdodana yeVangeli, okwabe kuyiZwi uqobo Lwalo lenziwe inyama.

30 Ngakho ibandla ngempela lisezinhlungwini zokuzala, futhi, ukuba kubelethwe iNdodana, iNdodana kaNkulunkulu ukuba ifike futhi. Bonke abosiyazi bakithi bezenkolo, konke okwezinqubo zethu, konke okwamahlelo ethu, kuphume kwabolela khona impela phansi kwethu. Ngakho sisebuhlungwini bokuzala, noMlayezo ovela kuNkulunkulu njalo uphosa ibandla ebuhlungwini obunzima kakhulu impela, kodwa emva kwesikhashana lizobeletha uMlobokazi. Ozoveza uJesu Kristu kuMlobokazi waKhe.

31 Bese, kuthi-ke, ngicabanga ukuthi lomuntu wayengavumelani nami kakhulu kangaka. Uma ngisukuma ukuba ngikhulume loMlayezo, ngaphenya eBhayibhelini lami, ukuba ngithole ikhasi.

32 Nomkami wayesanda kungipha iBhayibheli elisha, likaKhisimuzi. IBhayibheli lami elidala selineminyaka eyishumi nanhlanu ubudala, futhi into yase icishe idabuke ibe yizicucu nje. Amakhasi, ngaso sonke isikhathi uma ivuleka, ayephuma kulo. Futhi, kodwa ngangazi nje ukuthi wawutholakalaphi nje wonke umBhalo, ngakho ngalifundisisa leloBhayibheli. Futhi ngavele nje ngacosha elisha, ngoba elinye lalibukeka selimanikiniki kabi, ukuya nalo enkonzweni.

33 Futhi ngenkathi ngiqala ukuphenya ngale kuJohane oNgcwele, lapho umBhalo wawutholakala khona, ngaqala ukufunda isahluko 16, nevesi engangilifuna lalingekho lapho. Ngakho ngacabanga, "Kuyaxaka!" Ngabuye ngaphenya futhi; lalilokhu lingekho lapho.

34 Futhi uMfowethu Jack Moore, waseSheveport, eLouisiana, umngane wami wesifuba, wayehlezi lapho. Ngathi, "Mfowethu Jack, lelo alitholakali yini kuJohane oNgcwele 16 na?"

Wathi, "Yebo."

35 Nalompristi oyiKatolika wasukuma wasuka esihlalweni sakhe, esuka cishe kubefundisi bamasonto abayikhulu behlezi emsamo; wahamba weza eduze kwami, nazo zonke izingubo zakhe nezingubo ezihusha phansi neziphambano, kanjalonjalo, futhi weza wasondela impela kimi. Wayesethi, "Ndodana yami, ungaxakaniseki. UNkulunkulu ulungiselela ukunyakaza."

Ngacabanga, "Umbhishobhi wamaKatolika etshela mina lokho?"

Wathi, "Lifunde eNcwadini yami."

36 Ngase ngifunda umBhalo eNcwadini yakhe, ngase ngithatha indikimba yami ngaqhubeka, ngashumayela intshumayelo yami.

37 Kamuva, sengiqedile, wasesukuma emva kokuba sengihambile, wayesethi, "Ikhona into eyodwa ezokwenzeka. Emva kwalokho, ibandla lizophuma enxovanxoveni elikuyo, noma kuzofanele thina siphume enxovanxoveni ibandla elikuyo." Ngakho, okunye phakathi kokunye.

38 Ngangisendleleni yami ngibheke ekhaya, ngibheke emuva eTucson, ngalokho kuhlwa. Abantwana wayekhalela isemishi, ngase ngima ukuba ngithole isemishi estendeni esincane. Nomkami wathi, "Bill, angikaze ngishaywe wuvalo kangaka empilweni yami yonke, ukukubona umi lapho uphuthaza kuleloBhayibheli." Wathi, "Akuzange kukwenze ushaywe wuvalo wena na?"

39 Ngathi, "Qhabo." Ngathi, "Bengazi ukuthi belilapho ndawo ndawo. Ukuthi nje ababanga nalo ikhasi kulo. Kunephutha ekubhaleni."

40 Wayesethi, "Ukucabanga, ukuthi ngikuthengele iBhayibheli! Bekubukeka sengathi onke amehlo phakathi lapho abekimi ngqo."

41 Ngase ngithi, "Awu, akukho obungakwenza kulokho. Lokho bekunephutha ekubhaleni eBhayibhelini." Ngathi, "Abazange nje balifake ikhasi."

42 Awu, ngabheka phansi ngalibuka futhi, liphelele phaqa; kodwa isahluko 16 siyaphela, ingxenye, ingxenye yaso cishe ama intshi amathathu nje ukusuka ekugcineni phansi, ngale esahlukweni 17 ngakwelinye icala, kwenza into efanayo. Futhi, njengoba kuyiBhayibheli elisha, lawomakhasi amabili ayenamathelene phaqa, futhi ngangifunda esahlukweni 17 esikhundleni se 16. "Awu," ngathi, "kulungile lokho. Kungokwesizathu esithize."

43 Futhi nje ngokucace bha njengoba wawungezwa noma yiliphi iphimbo, kufika iPhimbo kimi, lase lithi, "Wangena eNazaretha, lapho Wayondliwa khona; wase engena esinagogeni, njengoba kwakungukwenza kwaKhe. Nompristi waMnika imiBhalo ukuba afunde, futhi Wafunda uIsaya 61. Futhi kwathi Eseyifundile imiBhalo, Wahlala phansi; wabuyisela iBhayibheli kumpristi, iNcwadi, wase ehlala phansi. Nawo onke amehlo ebandla aMgqolozela. NamaZwi aligugu aphuma emlonyeni waKhe. Wayesethi, 'Namuhla lomBhalo ugcwalisekile.'"

"Namuhla lomBhalo ugcwalisekile."

44 UmBhalo ushaya khona ngqo kahle kanjani! Uma uzoqaphela lokhu kuIsaya 61:1 kuya kwelesi 2, yilapho iNkosi yethu eyayifunda khona, uIsaya 61:1 kuye kwelesi 2. Kodwa maphakathi nevesi lesi 2 likaIsaya 61, Wama. Lapho okwathi khona, "UMoya weNkosi uphezu kwaMi; ukuba ngishumayele umnyaka omuhle," wabe Eseyama. Ngani na? Enye ingxenye, ukuletha ukwahlulela, kwakungaphathelene nokufika kwaKhe kokuqala, kodwa ukuFika kwaKhe kwesibili. Niyabo, akuphathelananga nalapho. ImiBhalo ayilenzi neze kahle kanjani iphutha! Iphelele njalo. UJesu wama nje lapho umBhalo wama khona, ngoba lokho kwakuyikho impela okwakuzoqinisekiswa osukwini lwaKhe, manje, kulokho kufika kokuqala. UkuFika kwesiBili Uyoletha ukwahlulela phezu komhlaba; kodwa hhayi ngalesiyasikhathi. Waye "zoshumayela umnyaka omuhle."

45 Qaphelani uMesiya emi emsamo, ukuba Azikhombe neZwi lesithembiso langalowonyaka. Kuyisimanga kanjani, uMesiya emi phambi kwebandla! Futhi ebuka lamaZwi ayigugu, lapho Esho lapha, "Ukushumayela umnyaka omuhle."

46 "Umnyaka omuhle," njengoba sonke sazi, njengabafundi beBhayibheli, kwakungu "nyaka wejubili." Lokho, ngenkathi zonke izigqila neziboshwa, njengoba babeyizo, babekade bethathiwe, ijele; futhi wayefanele anikele ngendodana, ukuba ikhokhe isikweletu; noma indodakazi, ukuba ikhokhe isikweletu, [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] futhi babesebugqilini. Akunandaba ukuthi kwase kube yisikhathi esingakanani besebugqilini, noma kwakufanele bahlale isikhathi eside kangakanani lapho; ngenkathi kufika unyaka, wejubili, ngenkathi kukhala icilongo, wonke umuntu wayesengahamba akhululeke uma wayefuna ukuhamba akhululeke. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Usukhululekile. Wawungasesiso isigqila.

47 Kodwa uma wawufisa ukuhlala uyisigqila, khona-ke wawuthathwa wehliselwe ethempelini, umiswe ngensika yethempeli, bese bethatha usungulo bese bebhoboza imbobo endlebeni yakho, wawukhonza leyonkosi-ke zonke izinsuku zokuphila kwakho.

48 Isibonelo esiphelele kanje pho seVangeli likaJesu Kristu! Uma Lishunyayelwa, isikhathi esihle, nesikhathi seJubili; noma ubani, kungenandaba ukuthi ungubani, ukuthi ubala lini, ukuthi ungowaliphi ihlelo, ukuthi ushone kangakanani esonweni, noma ukuthi yini engalungile kuwe; ungahamba ukhululeke uma uzwa icilongo leVangeli likhala. Usukhululekile!

49 Kodwa uma ufulathela uMlayezo futhi wale ukuWuzwa, qaphela, wawubholwa endlebeni, ngosungulo. Lokho kuchaza ukuthi, ukuthi usunqamule umugqa phakathi komusa nokwahlulelwa, futhi awusophinde ulizwe iVangeli futhi. Awusoze waqhubekela phambili. Ufanele ube yisigqila enqubweni okuyo, zonke izinsuku zokuphila kwakho, uma wala ukuzwa umnyaka omuhle.

50 Manje, enye ingxenye yalo, njengoba ngishilo, yayingadingi ukuphendulwa, ngoba loMesiya ozayo, isikhathi manje, kungalenkathi lapho Eyoletha ukwehlulelwa.

51 Manje, babengaze bahluleke kanjani labobantu ukubona ukuthi WayeNgubani na? Baze bakugeja kanjani na? Kwakungenzeka kanjani, kanti kwakwenziwe kwacaca kahle kangaka futhi kwakhonjiswa na? Kwakungenzeka kanjani bona bakugeje ukukubona na? Lapho E . . .

52 IZwi elinje pho! Kucabange nje, "Namhla nje ugcwalisekile lomBhalo phambi kwamehlo enu." Ubani owakushoyo na? UNkulunkulu qobo lwaKhe, Ongumhumushi weZwi laKhe uQobo. "Namhla nje ugcwalisekile lomBhalo." UMesiya, qobo lwaKhe, emi ebukhoneni bebandla futhi efunda iZwi eBhayibhelini, eliqondene naYe, futhi-ke ethi, "Namhlanje lomBhalo ugcwalisekile," futhi noma kunjalo behluleka ukukubona.

53 Indaba esabekayo enje pho eyayingenzeka, kodwa yenzeka. Kuyenzeka izikhathi eziningi. Kwakungenzeka kanjani na? Kusobala, njengoba kwenzeka kwezinye izikhathi, ngokukholwa ngokuhunyushwa kweZwi ngumuntu. Kwabangelwa yilokho-ke. Lawomakholwa angalezozinsuku, ayebizwa kanjalo ngamakholwa, lalithatha ukuhumusha kwalokho okwakushiwo ngumpristi mayelana nomBhalo. Ngakho-ke uJesu, engekho nakunoma yisiphi sezikhundla zabo noma imiphakathi yabo, Waxoshwa kwababehambisana nabo.

54 Futhi, ngakho-ke, babengenakuMbandakanya nabo, ngoba Wayehlukile kubo. Ukuba nguMuntu kukaJesu Kristu kwakuyingqayizivele kakhulu ngangokuthi akukho-muntu owayengakugeja ukubona lokho okwakuseNdodaneni kaNkulunkulu, ngoba Wayeyinkomba ephelele yomBhalo owawubhalwe ngaYe.

55 Yileyondlela noma yimuphi umKristu aziwa ngayo, uma impilo yakhe ikhomba zona impela izinto umKristu afanele azenze.

56 Ukuthi Wayema kanjani lapho futhi athi, "Namuhla lomBhalo ugcwalisekile phambi kwamehlo enu ngqo!" Kugqame kangaka pho, kucace kangaka pho, kepha nokho labobantu abaqondanga. Ngani na? Yingoba bathatha ukuhumusha kolunye uhlelo lwabapristi ababebalalele.

57 Nomlando njalo uyaziphinda. NomBhalo unencazelo embaxambili kuWo, nesambulo esimbaxambili.

58 Isibonelo nje, njengoba kusho eBhayibhelini, ukuthi, "Indodana yami ngiyibize iphume eGibhithe," kubhekise kuJesu. Hamba ngomphetho wekhasi kulokho, futhi uyathola, kubhekise kuJakobe futhi, umBhalo ofanayo. UJesu wayeyiNdodana yaKhe enkulu kakhulu. UJakobe wayeyiNdodana yaKhe Ayibiza yaphuma eGibhithe, ibhayibheli iScofield nawo onke amanye amabhayibheli athi yikho, ngoba lowo ngumBhalo ofanayo okwakubhekise kuwo. Ngakho wawunempendulo e—ekabili; wawunempendulo kuJakobe ebizwa aphume, nakuJesu ebizwa aphume.

59 Futhi kunjalo nanamhlanje! Yingoba sisesiyaluyalwini esikhulu njengoba sikuso nje, nabantu bayehluleka ukubona iQiniso likaNkulunkulu, yingoba kunamaningi kakhulu amahumusho enziwe ngumuntu eZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu akadingi muntu ukuba ahumushe iZwi laKhe. Ungumhumushi waKhe Yena.

60 UNkulunkulu wathi, ekuqaleni, "Makube-khona ukukhanya," kwaba-khona ukukhanya. Lokho akudingi kuhunyushwa.

61 Wathi, "Intombi iyokhulelwa," futhi yakhulelwa. Lokho akudingi kuhunyushwa.

62 Lapho, ukuhumusha kukaNkulunkulu kweZwi laKhe kulapho uma Eqinisekisa futhi efakazisa ukuthi Linjalo. Lokho ngukuhumusha kwaKhe, ngokukwenza kufezeke. Kulapho-ke ukuhumusha kukaNkulunkulu, kulapho uma Enza khona iZwi laKhe lifezeke. ULihumushela nina.

63 Njengokuthi uma kwakungakaze kubekhona ukukhanya, futhi Wathi, "Makube-khona ukukhanya," futhi kwaba-khona, lokho akudingi-muntu ukuba ahumushe.

64 Kodwa sithola izinqubo zabantu zixutshwe kuLo, futhi, uma ukwenza, u—uyaLikhipha emgqeni. Bekuhlala njalo kuyileyondlela.

65 Kodwa ngisacabanga ngokuthi kufanele ukuthi kwakwethusa kanjani. Kucabange, uMesiya! Behlulekelani ukuMbona na? Ngoba, bona impela abaholi babo ababefanele baMazi, ababefanele ukuthi bawejwayele kahle umBhalo,

ababefanele ukuthi bayiqonda kahle imiBhalo, bambukela phansi loMuntu futhi bathi, “Ungumntwana wesihlahla, kwa—kwasekuqaleni nje. Besingeke sikukholwe Lokho.”

66 Eminyakeni kamuva, asikukholwa lokho. Besiyofela inhloso yokuthi WayeyiNdodana ezalwa yintombi.

67 Futhi kuyofezeka ngeliny’ilanga ukuthi, yona impela into esibona uJehova eyenza namhlanje, umuntu eminyakeni ezayo, uma ukhona, siyofela into esikhuluma ngayo namhlanje. Uyodingeka ukuthi ukwenze uma sekufika uphawu lwesilo, futhi ungavunyelwa ukushumayela iVangeli ngalendlela. Lapho inyunyana enkulu yamabandla ihlangana ndawonye, esisohlelweni khona manje lwebandla lezwe, uyofanele uphawule ubufakazi bakho ngempilo yakho uqobo, kuLokhu.

68 Ufanele uLikholwe manje. Uma labobapristi bebengavuka, abaMlahla ngecala, bebengeke baMlahle ngecala. “Kodwa,” wena uthi, “ukuba ngangilapho, ngangiyokwenza *ukuthi-nokuthi*.” Awu, lowo kwakungesiwo unyaka wakho. Kodwa, lona ngunyaka wakho, yilesi isikhathi.

Wena uthi, “Awu, ukuba Wayelapha!”

69 IBhayibheli lathi, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade,” uyafana, ngakho Ulapha. Kodwa, Ulapha! Njengoba izwe liphucuzekile, laba likhulu, futhi lafunda kakhulu; Ulapha ngesimo sikaMoya, abangeke bawubulale noma bawubulale. Wafa kanye; Angeke asafa futhi. Wadingeka ukuthi enziwe inyama ukuze uNkulunkulu abulawe esenyameni, ngenxa yesono. Kodwa ngalesisikhathi Ubengeke esafa; NguMoya oNgcwele.

70 Manje, kukanjani ukucabanga ukuthi babenalezozinto ezimelene naYe! Enye into, ukuthi Wayengeke ajoyine noma yisiphi sezikhundla zabo. Manje-ke, niyabo, lokho kwakusalokhu kuMenza umfo omubi. Wayengazijoyini izinhlangano zabo—zabo, engabujoyini ubupristi babo, futhi Wayengahlangani ngalutho nakho. Futhi manje-ke, ngaphandle kwakho konke lokho, Wazama ukudiliza lokho ababekwakhile.

71 Wahamba wayongena ethempelini. SiMbiza ngoMuntu othobile; Wayenguye, kodwa izikhathi eziningi sikuqonda ngokungesikho ukuthi ukuthobeka kuyini.

72 WayenguMuntu wesihe, kepha nokho siyehluleka ngesinye isikhathi ukuqonda ukuthi yini izihe. Akusilo uzwelo lobuntu, akusiso isihe. Kodwa, *isihe*, singu, “kwenza intando kaNkulunkulu.”

73 Wedlula ngasechibini la—laseBethesda, isango. Lapho kwakulele abantu, izixuku zabo. Izixuku yisibalo ongeke wasisho. Kodwa lapho kwakulele izixuku; izishosha, izimpumputhe, izinyonga, abashwabeneyo. Futhi Wayenesihawu kubantu, njalo. Futhi Waya kumuntu oyedwa

owayengesiso isishosha, impumputhe, unyonga, kanjalo futhi engashwabene; mhlawumbe wayenenkathazo yokugogeka, mhlawumbe wayenobuthakathaka obuthize obuncane obabulibazisa. Wayesebe nakho iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili. Kwakungezukumhlupha, kwakungezukumbulala. Wayelele ohlakeni. Futhi Wathi, "Uyathanda ukusinda na?"

74 Nomuntu wathi, "Anginamuntu wokungifaka emanzini, kodwa kuthi ngiseza, awu, kwehle omunye phambi kwami." Niyabo, wayekwazi ukuhamba, wayekwazi ukubona, wayekwazi ukuhambahamba, kodwa nje wayebuthakathaka.

75 Wayesethi uJesu kuye, "Sukuma. Uthabathe uhlaka lwakho uye endlini yakho." NoJesu wabuzwa ngalokho, ngokuba niyakhumbula umBhalo wakusho lokhu.

76 Akumangalisi! Ukuba Wayengeza eJeffersonville kulobubusuku futhi enze isenzo esinjengaleso, babesayolokhu bekhuluma ngaYe.

77 Kodwa, khumbulani, Wafikela ukuzokwenza into eyodwa, kwakuyintando kaNkulunkulu. Manje, lokho kutholakala kuJohane oNgcwele 5:19, nizoyithola impendulo. Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo; kuphela lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza."

78 Manje, babefanele bazi ukuthi lokho kwakuyikho impela ukuqinisekiswa kwesiprofetho sikaMose, "Ngokuba iNkosi uNkulunkulu wenu iyakunivusela umProfethi onjengaMi."

79 Niqaphelile, ngenkathi Ebone umuntu, Wathi . . . UJesu wayazi ukuthi wayekade ekulesisimo iminyaka eminingi. Niyabo, engumProfethi, Wambona lowomuntu ekulesosimo; wase ehlela lapho wase ephendla—ephendla indlela yaKhe ejika edabula kulabobantu, ecokama edabula esixukwini, Waze wathola umuntu othize.

80 Wedlula ngasezishosheni, izinyonga, izimpumputhe, nabashwabeneyo, nokho uMuntu ogcwele isihe. Kodwa, *isihe*, singu, "kwenza intando kaNkulunkulu."

81 Manje, siyaMthola, njengoba Wayengajoyinani nabo, Wayengahlanganise lutho nezikhundla zabo, ngakho-ke waba yisilahlwa. Wayengena . . .

82 Ngaphandle kwalokho, Wahamba wangena ethempelini ngoluny'usuku. UMuntu wahamba wangena futhi wathola indlu kaNkulunkulu isithi nje ayibole njengoba injalo namhlanje. Babethenga, bethengisa, beshintsha imali. Futhi Wagumbuqela amatafula emali; wathatha izintambo wase ezeluka, wase eshaya abashintshelana imali wabakhipha ethempelini. Wase ebabheka ngokuthukuthela, wayesethi, "Kulotshiwe," haleluya, "Indlu kaBaba waMi iyindlu yokukhuleka; nina niyenze umhume

wabaphangi. Futhi nina, ngamasiko enu, nenze umthetho kaNkulunkulu waba-yize.”

83 O, isigejane esinjengaleso sasiyoke sikholelwe kuYe na? Qhabo, mnumzane. Base begxambuzise kakhulu okwezingulube isikhathi eside enkucunkucwini yezinhlangano zemiphakathi nokungcola kwezwe, baze baba yiqeqeba lamakhaza kakhulu kwezobufundisi baze abangabe besakuzwa ukuzamazama kwaMandla kaNkulunkulu uSomandla. Akumangalisi owesifazane omncane akwazi ukuthinta ingubo yaKhe futhi waphiliswa yiWo; nesosha elidakiwe lalingaMphimisela ebusweni futhi lingezwa-mandla obuhle! Kuya ngokuthi usondela kanjani kuWo. Kuya ngokuthi ufunani. Uma uya enkonzweni, kuya ngokuthi ufunani.

84 Manje siMbona emi lapho. Akumangalisi kepha ukuthi abantu base bevele bemexwayisile, bexwayisa, umpristi wayebexwayisile abantu, “Manje Uza ngapha ngeSabatha elizayo, futhi, uma Efika, ningaMlaleli. Manje, ningahamba nihlale lapha, kodwa ningakunaki Akushoyo, ngoba Akasuye oweqembu lethu. Uyisilahlwa. Akanakhadi lokuhlanganyela. Akanalo ngisho ne organ-. . . nephepha lenhlangano analo. Akanalutho olufana nalokho.”

“Yingani Enjalo na?”

85 “Omuny’umfana oyimbuka owazalwa ezansi lapha, ukuzalwa ngokomntwana wesihlahla, ngekhaya lombazi, ukuthi umama waMkhulelwa bengakashadi, futhi bazama ukuyifihla into ngenye into engesiyo eyemvelo.

86 “Siyakwazi lokho, uma uMesiya efika, Uyokwehla ngamaphasiji aseZulwini bese eya kumpristi wethu omkhulu bese ethi, ‘Sengifikile, Kayafase.’” Kodwa sithola ukuthi Akakwenzanga ngaleyondlela, ngoba kwakungabhaliwe eZwini ngaleyondlela. Kwakuyisiko elenziwe ngumuntu elababangela ukuba bakholwe lokho.

87 IZwi lalithe Uyofika nje ngendlela Afika ngayo. Futhi nango Emile, efunda iZwi, futhi ethi kubo, “Namuhla lomBhalo ugcwalisekile emehlweni enu.” Futhi basalokhu behluleka ukuMbona noma ukuMqonda, njengoba benza kuyo yonke iminyaka.

88 UNowa wayengasho into efanayo, usuku angena ngalo emkhunjini nomnyango wavalwa. UMose wayengavula lelofastela phezulu emkhunjini, alunguze ibandla . . . Khumbulani, uNkulunkulu wavala umnyango. Futhi wayengathi, “Namuhla lomBhalo ugcwalisekile ezindlebeni zenu,” kodwa isikhathi sasesedlule kakhulu kubo ngaleyonkathi. Wayeshumayele iminyaka eyikhulu namashumi amabili, ukuzama ukubangenisa kulesosikebhe ayesakhile, ebatshela ukuthi umBhalo wawuthe, “ISHO KANJE INKOSI, lizokuna,” kodwa balinda isikhathi eside kakhulu. Kodwa uNowa

wayengakusho kalula lokho, “Namhlanje, namuhla, umBhalo ugcwalisekile.”

89 UMose, ngosuku olufanayo iNsika yoMlilo eyehla ngalo eNtabeni yaseSinayi futhi inikeza ubufakazi ebufakazini bakhe, uMose wayengathi, “Namuhla lomBhalo ugcwalisekile.”

90 UMose, niyazi, wayebizwa ngomuntu kaNkulunkulu, umprofethi. Futhi esabizwa, engumprofethi, wayefanele abe nolwazi lwesipiliyoni lokungaphezu kwemvelo. Ukuze abe ngumprofethi, wafanele ahlangane noNkulunkulu ubuso nobuso futhi akhulume naYe. Nenye into, akushilo kwakufanele kufezeke, kungenjalo akukho-muntu owayeyomkholwa.

91 Ngakho akukho-muntu onelungelo lokuzibiza kanjalo aze ukuba usekhulume ubuso nobuso noNkulunkulu, kwingemuva logwadule ndawondawo, lapho ahlangana khona noNkulunkulu, yena uqobo. Nabo bonke abaphikiNkulunkulu ezweni abakwazanga ukukuchaza bakudedise kuye; wayelapho, uyazi ukuthi kwenzeka. Wonke umKristu ufanele abe nalololwazi lwesipiliyoni ngaphambi kokuba basho noma yini ngokuba ngumKristu. Ulwazi lwakho ngqo lwesipiliyoni!

92 Ngakhuluma nomshana wami, esikhashaneni esedlule, umfana oliKatolika omncane, owathi, “Malume uBill, ngigijinyiswa ngiyiswa emuva naphambili, ngiya ndawo zonke, ngizama ukuthola into ethize.” Ubusuku nobusuku, ngaphambi kokuba kuqale lomhlangano, ubekhala. Futhi ngesikhathi sasebusuku, ubephupha amaphupho okungena, egijimela phezulu ealtare, lapho khona ukushumayela, futhi enza ukuvuma ukuthi ubesephutheni.

93 Ngathi, “Melvin, akunandaba ukuthi uzama ukuyaphi, ukuthi ujoyina amabandla amangaki, ukuthi usho o ‘Yethi Mariya abangaki, noma ukuthi uthola izibusiso ezingaki kumuntu, ufanele uzalwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu. Yiyonanto kuphela eyonelisa inhliziyo yomuntu.”

94 Lokho ngukuthi, ngiyazi banesibambiso, namhlanje, sokuzalwa ngokusha, ngukuxhawulana nomshumayeli nje bese ufaka igama lakho encwadini. Kodwa, bangane, lowo ngumbhedesho. Akusilo iQiniso leBhayibheli. Ukuba bekungaba yilo, iZenzo zabaPhostoli, esahlukweni 2, bekuzofundeka kanje, “Kwathi selufikile uSuku lwePentekoste, umelusi waphuma wase exhawulana nabantu.”

95 Kodwa wathi, “Kwathi selufikile uSuku lwePentekoste,” ekugcotshweni kweBandla, “kwavela eZulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla, yona yagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo.” Ufika kanjalo-ke uMoya oNgcwele okokuqala. Ufike kanjalo-ke selokhu kwaba yilesosikhathi. UnguNkulunkulu, futhi akaguquki. Manje, Kukhubekisa abantu.

Bathi, “Lokho kwakungokolunye usuku.”

96 Awu, Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngaso sonke isikhathi iBandla elake lemukela uMoya oNgcwele, Ufika njalo njengoba Enza esikhathini sokuqala, phansi kwesifanayo isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, iZenzo 2:38; asikaze siguquke, asisoze saguquka.

97 Njengesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sikadokotela enzela isifo. Uyobhala isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sesifo, kwenza udokotela. Bese esiyisa kusokhemese onguwaka, bese efaka kakhulu ikhubalo kuso, siba-wikhi kakhulu ngeke sikusize ngalutho; uma efaka okuningi kakhulu kukaphoyizeni kuso, siyokubulala. Sifanele nje ukubhalwa ngokukadokotela.

98 Nesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sikadokotela sokuthi wemukelwa kanjani uMoya oNgcwele sisinikwa nguDokotela Simoni Petru, ngoSuku lwePentekoste. "Ngizoninika isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, khona niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo singesabo abakude, nalabo iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo saPhakade!

99 UMose wayenalolulwazi lwesipiliyoni. Wehlela ezweni wase eqala ukutshela abantu, "Ngihlangane neNsika yoMlilo. Ibisesihlahleni esivuthayo, futhi Ungitshele ukuba nginitshele. 'NGINGUYE ENGINGUYE. Yehla; Ngiyoba nawe. Thatha induku ngesandla sakho futhi uyiphakamise phezu kwaseGibhithe; noma yini okucelayo, kuyokwenziwa.'"

Awu, mhlawumbe omunye umpristi wathi, "Umbhedo!"

100 Kodwa lapho sebebone amaqiniso angempela alokhu, kuthatha, kufezeka, ababange besakubamba. Bazi ukuthi wayethunywe nguNkulunkulu.

101 Manje-ke, uma uMose athi wabona lokho, futhi wafakaza kukho ukuthi kuyiQiniso, khona-ke uNkulunkulu ubophezelekile, uma lelo kuyiQiniso, ukukhomba nokuqinisekisa izwi lalowomuntu, iQiniso. Kuqinisile lokho.

102 Uma uJesu Kristu ama lapho wase efunda, ngalolosuku, "Namhla nje ligcwalisekile leliZwi phambi kwenu," uNkulunkulu ubophezelekile ukuba enze iZwi lifezeke.

103 Simi lapha kulobubusuku futhi sithi, ukuthi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." UNkulunkulu ubophezelekile ukufakazisa ukuthi lokho kunjalo, ngoba YiZwi laKhe. Manje, kwenzani na? Kuthatha ukukholwa, ekuLikholweni. Kuthatha ukukholwa, ekukholweni iZwi laKhe, ukuthi LiyiQiniso.

104 Qaphelani ukuthi kufezekani ngenkathi uMose ekhipha abantwana, nabo bonke labo ababemlandela. Labo abangalandelanga bahlala eGibhithe. Kodwa labo abalandela uMose, ngenkathi bephuma oLwandle oluBomvu futhi baphumela ehlane, uNkulunkulu wehlela phezu kweNtaba yaseSinayi. LeyoNsika yoMlilo yavuthisa yonke intaba, nePhimbo lakhuluma lezwakala lapho, noNkulunkulu wanikeza imithetho eyishumi.

105 UMose wayengahamba enyukele lapho phambi kwabantu, futhi uthi, "Namuhla umBhalo enginitshele ngawo, njengomprofethi waKhe, uyafezeka namhlanje. Nginitshelile ukuthi uNkulunkulu uhlangane nami, naphezulu lapho esihlahleni esivuthayo, eseNsikeni yoMlilo, Wayesethi, lo, 'Ngiyo . . . Lesi kuyoba yisibonakaliso. Uyobabuyisela emuva ngqo lababantu kulendawo futhi.' Futhi nango uNkulunkulu, eseNsikeni yoMlilo efanayo enganitshela ukuthi Wayekuyo, ilenga khona ngaleya entabeni. Namuhla lesisiprofetho sigcwalisekile. Lapha Uzoqinisekisa ukuthi izinto engizishilo iyiQiniso."

106 Nkulunkulu sinikeze amanye amaningi indoda enjalo, ethembekile neqotho, futhi ikhulume iQiniso, ukuthi uNkulunkulu uSomandla owakwazi ukuqinisa ukuthi iZwi laKhe liseyilo iQiniso! Uhlala enguye izolo, naphakade. Ubengekwenze kanjani na? Wethembisa ukukwenza.

107 UJoshuwa wayengasho into efanayo, ngosuku abuyela ngalo eKadeshi-barineya, lapho ababehambe baze bafika khona ehlane. Babelingabaza izwe kuwuhlobo lwezwe uNkulunkulu ayethe liyoba yilo. Kodwa uNkulunkulu wabatshela ukuthi laliyizwe elihle, lalichichima ubisi noju. NoJoshuwa noKalebi kwaba yibo bobabili kuphela ababezokukholwa, kwabanye abayishumi abasalayo. Ngenkathi bebuya, babenobufakazi obubonakalayo; babenesixha samagrebhisi esasingathwalwa kuphela yindoda amabili anamandla.

108 UJoshuwa noKalebi babengama khona lapho futhi bathi, "Namuhla lomBhalo ugcwalisekile. Nabu ubufakazi obubonakalayo ukuthi liyizwe elihle." Impela. Ngani na? "Kukhona ubufakazi obubonakalayo ukuthi liyizwe elihle. Ubuyoke uzitholephi izinto ezinjalo, eGibhithe na? Zazingekho izindawo ezinjalo. Kodwa namuhla lomBhalo ugcwalisekile."

109 Wayengasho into, efanayo, ngenkathi eprofetha futhi wathi izindonga zaseJeriko ziyowa phansi emva kokuba sebemashe bazungeza kasikhombisa, izinsuku eziyisikhombisa, kasikhombisa ngosuku. Futhi ngenkathi bemasha bezungeza okwalesosikhathi sokugcina, izindonga zawa phansi. UJoshuwa wayengama bese ethi, "Namuhla, iNduna eNkulu yesixuku esikhulu seNkosi eyangitshela emavikini edlule ukuthi kwakuzokwenzeka kanje, namuhla lomBhalo ugcwalisekile."

Nakho kulele izindonga, phansi mba. "Wozani, asihambe silithathe. Lingelethu. Namuhla lomBhalo ugcwalisekile."

110 Kumangalisa kanjani, umuntu kaNkulunkulu umele izinto elungile!

111 UIsrayeli, emfuleni, ngenkathi bedla izwe, bawela. Bazokwenza kanjani na? Yinyanga ka-Apreli. Izikhukhula ziyehla ngoba iqhwa liyancibilika, enhla eJudiya. O, induna ehluleka kanje pho kwakubonakala sengathi uNkulunkulu wayenjalo, ukuletha abantu baKhe lapho, ngenyanga ka-Apreli, ngenkathi iJordani laliphakeme emuva kunoma lake laphakama. Ngezinye izikhathi . . .

112 Bengingahle ngime lapha, ukuba benginesikhathi, ukuba ngininike ithiphu encane nje. Ngezinye izikhathi ungahle ukuba uhlezi khona lapho unomdlavuza, noma ungahle ukuba uhlezi lapho unesifo; uyacabanga, "Ngani, mina, ngingumKristu, ngibe ngalendlela na? Kungani ngihlale kanje, uma ngingumKristu na?" Ngezinye izikhathi uNkulunkulu udedela izinto zibemnyama kakhulu ngangokuthi ungakwazi ukubona phezulu, emaceleni, kumbe noma kuyiphi enye indawo, bese-ke Eyafika bese ekwenzela indlela ngakho, ukuze uthi, "Namuhla lomBhalo ugcwalisekile, ukuthi Wethembisa ukukwenza."

113 Wadedela abantwana bamaHeberu bahambe bayongena ngqo esithandweni somlilo. Bathi, "UNkulunkulu wethu unamandla okusikhulula kulomlilo esithandweni. Kodwa, noma kunjalo, asiyikuguqa esithombeni sakho." Ngenkathi behamba bephuma lapho, iphunga lesithando phezu kwabo . . . kungekhophunga lesithando, njalo, phezu kwabo; babengathi, "Namhla nje ugcwalisekile lomBhalo."

114 Ngenkathi uDanyeli ephuma emlonyeni wezingonyama, wayengasho into efanayo.

115 UJohane umBhaphathizi. Emva kweminyaka engamakhulu amane yokufundisa kobufundisi, akumangalisi lelobandla lalisemfucumfucwini ngalesosikhathi! Ngenkathi ebonakala ehlane, iJordani, wayengama lapho ogwini, njengoba enza, futhi athi, "Namuhla lomBhalo, uIsaya 40, ugcwalisekile."

116 Bengingama kanjani lapha futhi nginitshele ukuthi lowompristi omdala wangitshela ukuthini! Wathi, "Ndodana, awuwuqedanga neze lowoMlayezo."

Ngathi, "Hlal'uthule."

Wathi, "Usho ukuthi lawomaPentecostal awakuboni lokho na?"

Ngathi, "Qhabo."

117 Wathi, "Ngiyakubona." Futhi umpristi wamaKatolika, naye! Ehhe. Wathi, "Awuqhubekanga ngani na?"

Ngathi, "Hlal'uthule."

Wathi, "Udumo kuNkulunkulu! Ngiyakubona."

118 Futhi kwathi ngalesosikhathi uMoya oNgcwele wehlela phezu kukadadewabo, ehlezi khona lapho emhlanganweni. Futhi wasukuma, ekhuluma ngolimi olungaziwa, futhi wanikeza yona impela incazo yayo impela into umpristi nami esasikhuluma ngayo, emsamo. Lonke ibandla, yonke indawo, yahlokoma. Kwaqhubeka kwawelela engqungqutheleni kaOral Robert ngesonto eledlule, noma evikini lakuthangi, futhi kwakukhulunywa ngakho engqungqutheleni. Ukuthi kwenzeka kanjani ukuthi umpristi...Ehleli ngaphansi kukaMoya oNgcwele, wembula khona lapho ngowesifazane, udadewabo ngikholwa ukuthi kwakunguye, ngokuthi kwakwenzekani phezulu lapho emsamo, futhi wembula leyonto esasiyifihla.

119 Ihora esiphila kulo, namuhla lomBhalo ugcwalisekile. Namuhla iziNkanyiso zakusihlwa sezifikile, futhi siyehluleka ukuKubona. Qaphelani.

120 UJohane wathi, "Namuhla ngiyi 'zwi lomemezayo ehlane,' njengoba kwasho umprofethi uIsaya. Lungisani indlela yeNkosi!"

121 Abakuqondanga. Bathi, "O, unguJesu...ungu—nguKristu," njalo.

122 Wathi, "Angisuye uKristu." Wathi, "Angifanele ukuthukulula izicathulo zaKhe. Kodwa," wathi, "Umi phakathi kwenu, ndawo ndawo," ngokuba wayeqinisekile ukuthi Wayezoba lapho. Wayezoba sosukwini lwakhe, ngoba uNkulunkulu wamtshela ukuthi wayezokwethula uMesiya.

123 Ngoluny'usuku kufika iNsizwa ihamba yehla idabula lapho, futhi wabona okufana nokuKhanya ngaphezulu phezu kwaYo, isibonakaliso. Futhi wamemeza kakhulu, "Bhekani iWundlu likaNkulunkulu! Namuhla lomBhalo ugcwalisekile phambi kwenu." Impela.

124 Ngosuku lwePentekoste, ukuthi wasukuma kanjani uPetru wase ecaphuna umBhalo wabo, kaJoweli 2:38; ngenkathi bonke behleka. Labobantu, abakwazanga ukukhuluma ngolimi lwabo uqobo. Babenkwankwaza eny'into ethize. IBhayibheli lathi, "Izilimi ezahlukeneyo." *Cloven* wulimi "olwehlukene," ungasho lutho, ukunkwankwaza nje. Begijima bezungeza njengesigejane sabantu abadakiwe!

125 Bonke bathi, "Awu, lababantu badakiwe. Babukeni, bukani ukuthi baziphatha kanjani, ukuthi banjani abesifazane nesilisa. Babengahlelekile," kusho leloqembu labezenkolo langalolosuku.

126 UPetru wama phakathi kwabo, wathi, "Ndoda bazalwane, nina enakhileyo eJerusalema, nani enakhileyo eJudiya, makwazeke kini ukuthi laba kabadakiwe, njengokucabanga kwenu, lokhu kuseyihora lesithathu lemini. Kodwa lokhu

kuyikho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli, 'Kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, "Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama."' Namuhla lomBhalo wagcwaliseka." Impela.

127 ULuther wayesesikhathini esifanele. UWesley wayesesikhathini esifanele. IPentekoste yayisesikhathini esifanele. Ayikho into ephumile ohlelweni.

128 Manje ngicela niwunake unyaka nesikhathi esiphila kuso manje, neZwi elithenjiselwe lolusuku. Uma emuva kweminye iminyaka, umuntu wayengathi, "namuhla lomBhalo," "namuhla lomBhalo," manje-ke kuthiwani ngomBhalo wanamuhla na? Yini ethenjiselwe lolusuku na? Simi kuphi na? Hora lini esiphila kulo; uma iwashi lishaya, iwashi lesayense, imizuzu emithathu ngaphambi kwaphakathi nobusuku na? Izwe linokuvevezela ngokweqile. Ibandla lisembhedeni wokonakala, ngangokuthi akukho-muntu owaziyo ukuthi bami kuphi. Sikhathini sini sosuku elikuso na? Kuthiwani-ke ngomBhalo wanamuhla na? Izimo zebandla, noma, izimo zebandla namhlanje!

129 Ezweni, ezombusazwe, inqubo yethu yezwe, ibole phuhlu. Angisuye usombusazwe. NgingumKristu. Kodwa, anginamsebenzi wokukhuluma ngezombusazwe, kodwa nje ngifuna ukusho ukuthi zibole ndawo zombili.

130 Ngavota kanye, lokho kwakungokukaKristu; ngifanele ngiwine. Udeveli wavota waphikisana nami, futhi uKristu wavotela mina; kuya ngokuthi ngiliphosa kuphi ivoti lami. Ngiyajabula ukuthi ngaliphosa kuYe; izwe malisho abakufunayo. Ngisakholwa ukuthi nguYena izolo, namuhla, naphakade. Uzokufakazisa. Impela Uzokwenza. Impela.

Ukwanda ebugebengwini, ubuhlongandlebe bentsha!

131 Bukani isizwe sethu, sake saba yimbali yomhlaba. Intando yethu yeningi enkulu yabunjwa emuva e—e . . . ekumenyezelweni kukazibuse. Nokumenyezelwa kukazibuse kwasayinwa, futhi saba nentando yeningi. Nobabamkhulu bethu abakhulu, nezinto abazenzile; saba nesizwe esikhulu.

132 Kodwa manje sesiyangcola, futhi siyabuthuka, futhi siyazamazama, futhi siyalahla. Futhi sizama ukuthelisa abantu intela, ukuthola imali ukuyithumela phesheya ngaleya, ukuthenga ubungani nezitha zabo; ziyibuyisa zisijikijele ngayo ebusweni bethu. Impi yokuqala yomhlaba, impi yesibili yomhlaba, futhi sisaqhubekela kweyesithathu. Impela. Ezombusazwe kubolile, konakele, kubole kwaze kwayofika phansi ekugcineni. Khona impela nje uMathewu 24 athi kuyoba njalo, "Isizwe siyovukela isizwe, umbuso uvukele umbuso," Zonke lezizinto zazizokwenzeka. Ake sikunake lokhu manje. Kulungile.

133 Qaphelani okunye, ukwanda ocwaningweni lwezesayense. Manje, kanye, nje i . . . Umkhulu wami wayehamba ayobona

ugogo wami, ngekalishi lezinkabi. Manje sekuyindiza ijethi, kumbe ngisho nokujikeleza komhlaba emoyeni, emkhathini ongaphandle. Okukhulu kwawo... Kanjani, ubani owasho lokhu na? UDanyeli 12:4, wathi, "Ukwazi kuyakuba-kuningi ngezinsuku zokugcina." Siyalibona ihora esiphila kulo. Qaphelani manje i—izimo zezwe, isimo sesayense.

134 Futhi qaphelani futhi, namhlanje, enqubweni yethu yezemfundo. Manje ningazami ukuphika lokhu. Ngineziqephu ezisikwe ephephandabeni, kufundiswa ezocansi kweyethu ichur-... ezikoleni zethu, ngezitshudeni ezincane ukuba zibe nezindaba zocansi esinye nesinye futhi zibone ukuthi zingamatana yini ezweni. Yebo, mnumzane.

135 Kunjani ebupristini bakithi na? Kulobubusuku nginesiqephu esiphuma ephepheni. Ngale eLos Angeles, eCalifornia, lapho khona isigejane sabafundisi basemasontweni, iBaptisti namaPresbyterian, abefundisi, bangenisa isigejane songqingili futhi baprakthiza ubungqingili, bethi babezama ukubazuzela uNkulunkulu. Kanti, lokho kungokunye kweziqalekiso zehora, ubuSodoma! Ngisho nomthetho wababopha.

136 Manje-ke sikuphi na? Yonke inqubo yethu isibole yaphumela phansi kwethu. Ngibone ukwanda ebungqingilini kuyo yonke iUnited States bande ngamaphesente angamashumi amabili noma amashumi amathathu ngaphezulu ngonyaka. Kucabangeni lokho, indoda ihlala nendoda, kufana nje nse njengoba benza eSodoma.

137 Ukwanda kobugebengu, ubuhlongandlebe bentsha! Hora lini esiphila kulo na? Namuhla leliZwi lesiprofetho ligcwalisekile.

138 Izwe lezenkolo, ibandla uqobo lwalo, ibandla, ibandla elibizelwe ngaphandle, esilibiza ngebandla elibizelwe ngaphandle, unyaka wokugcina webandla, unyaka webandla lePentecostal, ukuphi na? UseLawodikeya, njengoba umBhalo washo.

139 Namhlanje bawise imigoqo. Abesifazane babo bagqoke uhhafu. Isilisa sabo si... Kuyinto embi kabi. Abanye babo baganwe kathathu noma kane, basemabhodini abadikoni, nakho konke okunye. Bawisile, base bengenisa ukonakala, ngoba baqale imikhandlu base bethatha indawo kanye nezwe.

140 Futhi, namhlanje, banezindlu ezingcono kunalezo abake baba nazo. Enye indawo, enye yazo ngukwakha ihholo elikhulu lamadola ayizigidi ezingamashumi amahlanu, amadola ayizigidi ezingamashumi amahlanu. AmaPentecostal! Kwakuvamise ukuba sezansi ekhoneni, eminyakeni engamashumi amabili-nanhlanu eyedlula, beshaya isigubhu esiyisicaba itamborini. Bathi, "Si..."

141 Ngoba, umBhalo wathi, eZambulweni 3, ukuthi u "'Cebile,' wathi, 'Ngicebile. Ngihlezi nginjengendlovukazi. Kangiswele lutho.' Kanti kawazi ukuthi ungolusizi, owokuhawukelwa, ompofu, ohamba-ze, ophuphuthekile, futhi kawukwazi!"

142 Namuhla lomBhalo ugcwalisekile emehlweni enu. Amen! *Amen* kusho ukuthi "makube njalo." Angizi ameneli mina, kodwa ngiqonde ukuthi KuyiQiniso. Namuhla lomBhalo ugcwalisekile.

143 Ibandla lamaPentecostal lisesimweni saseLawodikeya. O, basagxuma bampongoloze, futhi baqhubeke uma umnyuziki ukhala. Uma umnyuziki uyeka ukukhala, noma umnyuziki wemidlwembe eminye yawo idlala futhi beyibiza ngobuKristu, futhi noma yinini uma lokho kuma, yonke inkazimulo ayisekho. Niyabo?

144 Uma kuludumo lwempela lukaNkulunkulu, akukhomakhwela enele namandla enele—enele ezweni ukulumisa. Uma ngempela luvela kuNkulunkulu, akuthathi wona umnyuziki ukuba ushaywe. Kuthatha uMoya kaNkulunkulu ukwehlela kulo. Lwenza lokho-ke.

145 Futhi kade baWukhohlwa, ngoba babeke isiPhiwo sikaMoya oNgcwele ezingeni lokuthi, "singubufakazi obubonakalayo bokukhuluma ngezilimi." Futhi ngabezwa odeveli nabathakathikazi bekhuluma ngezilimi.

146 UMoya oNgcwele uyiZwi likaNkulunkulu kuwe, ozikhomba Wona ngokwemukela leloZwi. Ngaphandle kwalokho, ngeke kwaba nguMoya oNgcwele. Uma uthi unguMoya oNgcwele, futhi uphike iZwi laleloBhayibheli, ngeke kwaba nguMoya oNgcwele. Lobo ngubufakazi obubonakalayo noma uyakholwa noma qha.

147 Qaphelani esinye isibonakaliso esikhulu. AmaJuda asezweni lawo lendabuko; isizwe sawo uqobo, imali yawo uqobo, ilunga leNhlangano yeZizwe. Anombutho wawo wezempi. Anakho konke. Asezweni lawo lendabuko; okungukuthi, uJesu wathi, "Fundani umfanekiso womkhiwane." Alapho, asebuyele esizweni sawo. Namuhla lomBhalo ugcwalisekile, amaJuda ezweni lawo lendabuko.

148 Namuhla lomBhalo ugcwalisekile, uNyaka weBandla laseLawodikeya.

149 Namuhla lomBhalo, uMathewu 24, ugcwalisekile. Izwe lisekonakaleni, yonke into; izizwe zivukela izizwe, ukuzamazama komhlaba kuzindawo ngezindawo, imimoya emikhulu evunguzayo yehla, inyakazisa izizwe, kanjalonjalo, izinhlekelele ezinkulu ndawo zonke. Namuhla lomBhalo ugcwalisekile.

150 Manje siyasithola isimo sezwe. Siyabona lapho khona ibandla elivamile, vamile . . . Inhlangano, ihlelo, siyabona ukuthi

akuphi. Siyabona ukuthi izizwe zikuphi. Futhi siyabona ukuthi namuhla lezizithembiso sigcwalisekile.

151 Manje! Kodwa ngalolusuku kuzofika ephakeme, iNzalo yobukhosi ka-Abrahama. Yilokho impela eyoba yikho, kuyoba nguMlobokazi wasebukhosini, kweyasebukhosini, iNdodana ethenjisiweyo. Njengoba ngikhulumile izolo ebusuku, ngeke kube yinzalo yemvelo, kuyoba yiNzalo yokomoya. Kuzoba noMlobokazi wokomoya ovukayo, oyoba yiNzalo yobukhosi yokuKholwa kwasebukhosini iNdodana yobukhosi ka-Abrahama. Izofika esigcawini ngezinsuku zokugcina, nesikhathi nendawo kuyisithembiso ukuthi kunikwe Yena.

152 NgokukaMalaki 4, umBhalo, kuzovuka uMlayezo ozonyakazisa izinhliziyo zabantu zibuyele ngqo kobaba bobuphostoli futhi. Kuzovuka oyedwa enkundleni, osemandleni kaElija, ozovuka enkundleni; indoda yasehlane ezophuma, futhi izoba noMlayezo ozogijima ubuyele uqonde ngqo eZwini futhi. Yilelohora esiphila kulo.

153 Manje-ke, nakani manje, ngiyanicela ngalelihora, ninabantu lapha baseJeffersonville. Ngo 1933, ukuKhanya okungaphezu kwemvelo okwawela phansi ngaleya emfuleni, ngalolosuku ngenkathi ngibhaphathiza amakhulu amahlanu eGameni likaJesu Kristu, njengomfana osethi akabe neminyaka engamashumi amabili ubudala. Kwathini, Jeffersonville na" KwaKuyini onyaweni loMgwaqo uSpring lapho, iphephandaba i*Courier Journal*, ngikholwa ukuthi kwakuyiyo, *iLouisville Herald*, iqukethe indatshana yaKho na? Kwahamba kwaze kwayothi ngqu kunqamula iAssociated Press, kwathi ngqu eCanada. UDokotela Lee Vayle wakusika wakukhipha ephepheni, kwenyukele le phakathi eCanada, ngo 1933.

154 Ngenkathi ngibhaphathiza umuntu wami weshumi nesikhombisa, phansi kwaloFakazi; futhi niyazi yonke enye indaba. Futhi ngenkathi ngimi lapho, ngibhaphathiza umuntu weshumi nesikhombisa, ukuKhanya kwehla kuvela eZulwini, kukhanyisa phansi phezu kwalapho, njengeNkanyezi iwa ivela eZulwini. IPhimbo lathi, "NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukufika kokuqala kukaKristu, uMlayezo wakho uyokwandulela ukuFika kwaKhe kwesibili, kulolonke izwe." Namuhla lomBhalo ugcwalisekile.

155 [Ibandla liyajabula—Umhl.] Namuhla! [Ibandla lijabula kakhulu futhi lidumisa uNkulunkulu.] UNkulunkulu wakwethembisa. Kwenzekani na? Namuhla Kuhambe kwajikeleza izwe.

156 Futhi ngenkathi uNkulunkulu ehlela lapho futhi washo lokho, ngenkathi ngisengumfana, esihlahleni esivuthayo, noma isihlahla phezulu lapho, sivutha umlilo senziwa yiNsika yoMlilo, phezulu lapha endaweni kaWathen eUtica Pike; ngithwele amanzi emuva lapho, ngisuka kuleyonqolobane ngiya emshinini

wotshwala obungekho emthethweni, niyalazi iqiniso lakho. Wathi, "Ungalokothi ubheme, noma uphuze, noma ungcolise umzimba wakho, ngokuba kunomsebenzi wakho ozowenza uma usukhulile." Ngiyafakaza ngalokho ukuthi kuyiQiniso, ukuthi ngaKubona. Futhi uNkulunkulu, njengoba Enza ngoMose, wakhuluma waphumisela phambi kwebandla ezansi ngaleya, wayesethi, "Leli yiQiniso." Namuhla lomBhalo ugcwalisekile phakathi kwethu.

157 Bhekisisani ukuthi Wathini ngokubona okufihlakele, nokuthi kuyoba kanjani; kusukela ekubekeni izandla phezu kwabo, ukwazi imfihlo yenhliziyo. Namuhla lomBhalo ugcwalisekile phambi kwamehlo ethu impela.

158 Lezizithembiso ezenziwayo, qaphelani, zonke lezizithembiso zazikade ziqinisekiswe futhi zagcwaliswa nguNkulunkulu wesithembiso. Bukani, kulenga eWashington, D.C., kulobubusuku, isithombe seNgelosi yeNkosi!

159 Njengoba uGeorge J. Lacy, inhloko ephathelene nomnyatheliso weminwe yeFBI nokuvezwa kwemibhalo yobufakazi kukahulumeni waseUnited States, waSihlola eHouston, eTexas, wayesethi, "Lona nguMuntu kuphela ongaphezu kwemvelo osewake wathathwa isithombe emhlabeni wonke." Wayefanele azi; ungobedlula bonke kosemhlabeni, ngakho.

160 Qaphelani, nanso Ilenga, njengeQiniso, iNsika yoMlilo efanayo eyahola uIsrayeli emuva ngaleya ehlane. Iyahola namhlanje, uhlobo olufanayo loMlayezo, wokuthi, "Yenyukani niphume eGibhithe!" . . .?. . . Namuhla lomBhalo ugcwalisekile. Niyawazi uMlayezo Awusho.

161 Bukani umbono waseTucson, eminyakeni emithathu eyedlula, ngenkathi ngimi lapha emgwaqeni ophahlwe yizindlu. Ngenkathi, iminyaka emihlanu ngaphambi kwalokho, Wathi, "Ngosuku idolobha elibethela ngalo isikhonkwane phansi phambi kwalelosango, phenduka wena ubheke ngaseNtshonalanga." Abafo beTabernakele lami olapha, uyakwazi lokho, kusukela ngaleso—lesosikhathi. Kunjalo.

162 Nosuku oMnu. Goynes ayephezulu lapho, futhi wabethela lesosikhonkwane phansi, ngathi kunkosikazi, "Kukhona okuthize ngalokhu."

Wathi, "Kuyini na?"

Ngase ngingena ngabuka ebhukwini lami elincane. Nakho kwakulapho.

163 Futhi ngakusasa ekuseni, ngeleshumi nqo, ngihlezi phakathi lapho, ikamelo lami lapho, cishe ngeleshumi nqo, iNgelosi yeNkosi yehla. Yathi, "Hamba uye eTucson. Uyoba ngasempumalanga yenyakatho yeTucson, futhi lapho kuyofika iziNgelosi eziyisikhombisa ziyisixuku eziyozamazamisa

umhlaba wonke yonke indawo ngakuwe." Yase ithi, "Uyotshelwa lapho."

164 Bangaki okukhumbulayo lokho, lapha, kusekude ngaphambi kokuba kwenzeke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kukhona indoda ehlezi khona lapha kulendlu kulobubusuku, yayimi khona lapho ngenkathi kwenzeka.

165 Yase ithi, "IziMpawu eziyisiKhombisa zezimfihlakalo ezifihlakele zeBhayibheli lonke ziyovulwa, futhi zigcwalise iZambulo 10, ukuthi eMlayezweni weNgelosi yesikhombisa lezizinto zifanele zifezeke." Namuhla lomBhalo ugcwalisekile phambi kwamehlo ethu. Namuhla lomBhalo ugcwalisekile.

166 Ngonyaka odlule, ngimi endaweni efanayo, uMnu. Woods lapha nami, senyuka igquma, kuthe nje ukuba sekuseni, mayelana nomkakhe egula. UMoya oNgcwele wathi, "Cosha idwala eliphansi lapho. Uliphose phezulu emoyeni. Uma selehla, uthi, 'ISHO KANJE INKOSI, kuzobakhona ukwahlulela okushaya umhlaba.' Umtshele ukuthi uzobona isandla sikaNkulunkulu, emahoreni ambalwa alandelayo."

167 Ngamtshela uMnu. Woods; ukhona kulobubusuku. Futhi, ngiqagele, isishiyagalombili noma ishumi lendoda, noma ishumi nesihlanu, eyayikhona ngalesosikhathi ngenkathi kwenzeka; ngakusasa ekuseni, lapho iNkosi yehla khona esivunguvungwini yase iqekebula intaba yonke indawo ngakithi, yase inquma izihloko zezihlahla, futhi yenza ukuqhuma okuthathu, yase ithi, "Ukwahlulela kuhamba kuqonde ngasoGwini lwaseNtshonalanga."

168 Izinsuku ezimbili emva kwalokho, iAlaska yacishe impela yacwila ngaphansi komhlaba. Futhi kusukela ngaleyonkathi, phansi-phezulu oGwini, ukuthunqa kokwahlulela kukaNkulunkulu ngakulesosisitho sokomoya. Kukhona ikhetheni lensimbi, kukhona ikhethini loqalo, futhi kukhona ikhethini lesono.

169 Impucuko ihambisane nelanga; kanjalo neVangeli. Bavele empumalanga baya entshonalanga, njengoba kuhamba ilanga. Futhi manje SelisoGwini lwaseNtshonalanga. Ngeke Lisaqhubekela phambili; uma Liqhubekela phambili, Liyobuyela empumalanga futhi.

170 Umprofethi wathi, "Kuyofika usuku olungeke lwabizwa ngobusuku noma imini," usuku oluhwaqabele, inqwaba yemvula nenkungu, ukwazi nje ngokwenele ukuthi ufanele ulijoyine kanjani ibandla noma ufake igama lakho encwadini. "Kodwa kuyakuKhanya cishe ngesikhathi sokuhlwa." Namuhla lomBhalo ugcwalisekile.

171 Ilanga is-u-n elifanayo—elifanayo eliphuma empumalanga liyilanga is-u-n elifanayo elishona entshonalanga. NeNdodana iS-o-n kaNkulunkulu efanayo engena empumalanga futhi yaziqinisekisa Yona njengoNkulunkulu ebonakaliswa enyameni,

yiNdodana iS-o-n kaNkulunkulu efanayo enkabazweni engasentshonalanga lapha, ezikhomba Yona phakathi kwebandla kulobubusuku, onguyena izolo, namuhla, naphakade. UkuKhanya kwakusihlwa kweNdodana sekufikile. Namuhla lomBhalo ugcwalisekile phambi kwethu.

172 Sikuphi kulonyaka wobuAbrahama na? Sikuphi kulesisikhathi esikhulu esimi kuso, ihora elikhulu esiphila kulo na? Yonke imibono ugcwalisekile.

173 Kuthiwani ngenkathi umngane ongumfundisi omncane wethu lapha, ibandla elingudade elihambisana nathi, uJunior Jackson, weza ekhuphuka egijima eza kithi ngobunye ubusuku, mina ngisezansi lapho. Wathi, “Ngaba ne—nephupho, Mfowethu Branham, elingikhathazayo. Ngabona bonke abazalwane bebuthene phezulu egqumeni.” Wayesethi, “Phezu kwaleligquma, wawusifundisa ngezinhlamvu zamagama ezazibhaliwe, kwakubukeka sengathi, kwezinye izinhlamvu zamagama ngalesosikhathi zazigwedwe edwaleni. Ngenkathi usuqedile lokho, konke lokho sekuphelile, wasitshela, wathi, ‘Sondelani eduzane,’ futhi sonke sabuthana phezulu.”

174 Wathi, “Wafinyelela uvela ndawondawo futhi, kubukeka sengathi, wathatha umgxala wase ushaya isiqongo salesisivivane esincane savuleka. Futhi, ngenkathi kwenzeka,” wathi, “idwala eliyigwadle lingabhalwe lutho. Futhi wasitshela ukuba si ‘buke phakathi phezu kwalokhu.’ Futhi nonke. . .Sonke saqala ukubuka.” Wathi, “Ngajikisa ikhanda lami, ngase ngiqaphela wena uya ngasentshonalanga, nje kanzima impela, uya ngasekushoneni kwelanga.” Bangaki okukhumbulayo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—umhl.]

175 Ngase ngima lapho kancanyana uMoya oNgcwele waze wakwembula. Ngathi, “Lonke iBhayibheli, kakhulu impela njengoba lembulwe kumuntu, ngokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, umbhaphathizo eGameni likaJesu, nazo zonke lezizinto yembuliwe; kodwa kukhona izimfihlo efihlwe ngaphakathi, ngoba iBhayibheli linanyekwe ngeziMpawu eziyisiKhombisa. Ngifanele ngiye lapho ukuba ngikufumane.”

176 Ngalokho kusa ngenkathi lezoziNgelosi eziyisikhombisa zehla futhi zaqhumisa umhlaba, namadwala andizela ndawo zonke, iziNgelosi eziyisikhombisa zama lapho zase zithi, “Buyela eJeffersonville, lapho ovela khona, ngokuba iziMpawu eziyisiKhombisa zezimfihlakalo eziyisikhombisa ziyovulwa.”

177 Nakhu lapho esikhona, namhlanje, ukuqonda *iNzalo yeNyoka*. Ezinsukwini ezimbalwa, uma uNkulunkulu ethanda, sizoqonda okuyikhona okuqondile oko*Mshado NesaHlukaniso*. Nazo zonke lezizinto uNkulunkulu azivulile, lonke uPhawu, izimfihlakalo selokhu kwasekelwa izwe. Futhi besisekujabuleni,

uBukhona bezibusiso zaKhe! Lokho kuqinisile. Namuhla, lomBhalo!

178 Iphephabhuku i*Life* laliqukethe indatshana yakho, "Indingilizi eyimfihlakalo yokuKhanya okuya phezulu emoyeni phezu kweTucson nePhoenix," ngendlela efanayo enganitshela ngayo cishe sekungunyaka ngaphambikokuba kwenzeke, ukuthi kuyoba kanjani, futhi njengonxantathu. Isithombe silenga esontweni ezansi lapho. Nina enathatha lelophephabhuku linaso. Sasilapho, impela nje. Bathi, "Singamamayela angamashumi amabili-nesikhombisa ukuphakama namamayela angamashumi amathathu ukunquma." Abasiqondi namanje ukuthi kwenzekani. Kwabonakala ngokuyimfihlakalo futhi kwanyamalala ngokuyimfihlakalo.

179 UMfowethu Fred Sothmann, uMfowethu Gene Norman nami, simi lapho. Ofakazi abathathu. Njengoba Athatha wakhuphukela esiqongweni sentaba; uPetru, uJakobe, noJohane, ukunikeza ubufakazi. Sama lapho sakubhekisisa ngenkathi kwenzeka, futhi sakubona kwenza.

180 Nakho, kulenga esibhakabhakeni; kude kangaka, akukho-mswakamo, akukho-mhwamuko noma lutho ukwenza i-inkungu. Kwakungafika kanjani lapho na? KwakuyiziNgelosi zikaNkulunkulu zibuya, emva koMlayezo wazo. Namuhla lesosiprofetho sigcwalisiwe phakathi kwethu. Namuhla lomBhalo ugcwalisiwe.

181 Bhekisisani, iziMpawu eziyisiKhombisa luvuliwe. Isivunguvungu siya oGwini lwaseNtshonalanga. Manje, ningakugeji, njengoba benza emuva ngaleya.

182 Manje, ukunaka kwethu, kuthe ukusondela kakhudlwana osukwini lwethu. Uthini umBhalo ngenamuhla, nangesikhathi esiphila kuso na? UJesu ekhuluma . . . Ngeke ngibe nesikhathi sokuyithatha yonke, kodwa ngifuna ukuthatha lona singakavali.

183 UJesu washo, kuLuka oNgcwele isahluko 17, ivesi 30. UJesu Kristu, iZwi qobo lwaKhe! Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UJesu Kristu, iZwi qobo lwaKhe, lenziwa inyama, wakhuluma futhi washo ukuthi iZwi liyoba yini esikhathini sokugcina, ukuthi siyoba yini isibonakaliso sokuphela kwezwe. Watshela zona isizwe ukuthi siyovukela isizwe, kodwa Wathi, "Njengokuba kwenzeka ezinsukwini zaseSodoma, kuyakuba-njalo ngosuku iNdodana yomuntu embulwa ngalo."

184 Manje, ngenkathi uJesu efika emhlabeni, Wafika ngegama lamaDodana amathathu. INdodana yomuntu, ongumprofethi; iNdodana kaNkulunkulu; neNdodana kaDavide.

185 Manje, Yayihlala lapha emhlabeni. Ayizange isho ukuthi YayiyiNdodana kaNkulunkulu. Yathi, "NgiyiNdodana yomuntu." UJehova uqobo lwaKhe wabiza uHezekeli nabaprofethi nge, "Ndodana yomuntu." Ngoba, Wayefanele

afike azogcwalisa umBhalo njengomprofethi. UMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami." Yingalesosizathu Wayengenakuba yiNdodana kaNkulunkulu lapho, ngoba WayeyiNdodana yomuntu. U . . . "IZwi lafika kubaprofethi." Futhi WayeyiZwi ekugcwaleni kwaLo. INdodana yomuntu, u—umprofethi omkhulu . . . Hhayi umprofethi omkhulu, kodwa umProfethi-Nkulunkulu, "Ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba kwakukuYe." Ngakho-ke, WayeyiNdodana yomuntu.

186 Manje, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, Ubaziwa kithi njengeNdodana kaNkulunkulu, uMoya.

187 Futhi esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, Uyoba yiNdodana kaDavide, esiHlalweni sobukhosi. Sonke siyakwazi lokho, esikholwa yimiBhalo.

188 Manje, uJesu wathi, ekupheleni nje kwalonyaka webandla esiphila kuwo, ukuthi, "INdodana yomuntu iyokwembulwa futhi ngendlela efanayo okwakungayo, njengoba kwakunjalo eSodoma."

189 Bhekisisani ukuthi kanjani, ngokomlando, Wakunikeza. Wathi, "Njengokuba kwenzeka ezinsukwini," kuqala, "zikaNowa, ukuthi babedla kanjani, bephuza, benda, bendisa." Wase Eletha, okulandelayo, okokugcina, iNdodana yomuntu, eSodoma. Imbangela, lapho Wayephathelene namaJuda; lapha, eSodoma, Uphathelene nabeZizwe. Lapho, Wabaminzisa bonke ngamanzi, ekwahlulelweni; lapha, kwabeZizwe, Wabashisa bonke ngosuku eSodoma. Kunjalo. Izwe labeZizwe lasha lapho, "futhi kuyakuba-njalo lapho iNdodana yomuntu seyambulwa." Akusesiwo amanzi, kodwa kuyoba ngumlilo ngalesisikhathi. UJesu wafunda kuGenesisi 23 ofanayo nesifunda kuye, ngenkathi Efunda ngeSodoma.

190 Manje, siyazivuma izimo okukhulunywa ngaso, sesimo sezwe saseSodoma. AbaseSodoma, isimo saseSodoma. Thina, sonke, sizothi "amen" kulokho. Siyakukholwa lokho. Kulungile.

191 Nesimo sokomoya saseLawodikeya, ibandla ngokwemvelo, sizothi "amen" kulokho, futhi semukele izibonakaliso zabo. Siyazi ukuthi zonke izibonelo zilapho. Ibandla liseLawodikeya. Siyakwazi lokho. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

192 Siyazi izwe lisesimweni saseSodoma. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Sizokwemukela lokho.

193 Kodwa kuthiwani ngesibonakaliso sika-Abrahama, lo olinde indodana ethenjisiwe na? Lowo kwakungomunye.

194 Khumbulani, babeneSodoma emuva lapho; babenesithunywa sabo. NoAbrahama wayenesiThunywa kuye.

195 UAbrahama wayelindele, usuku nosuku, ukuba, cishe impela kuyinto engenakwenzeka ukuthi yenzeke. "USara, amashumi ayisishiyagalolunye, futhi yena ikhulu." Ngokwesithembiso

sikaNkulunkulu, wayesalokhu elindile. Phakathi kwakho konke ukugxeka, wayelindele leyondodana.

196 Linjalo nekholwa leqiniso lisalindele leyoNdodana yesithembiso ukuba ibuye! Qaphelani, ngaphambi nje kokuba indodana ifike, kwaba khona isibonakaliso anikwa sona. Isibonakaliso seNdodana ezayo asizukwembulwa yini eNzalweni ka-Abrahama yobukhosi elinde iNdodana yobuKhosi, ngokufanayo njengoba kwakunjalo kubaba uAbrahama ngendodana yemvelo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kunjalo na? ["Amen."] UJesu washo njalo, lapha kuLuka oNgcwele 17:30, "Ngaphambi kokuba kufike lesisikhathi, ukuthi, iNdodana yomuntu iyokwembulwa njengoba Yenza ngezinsuku zaseSodoma, ngaphambi kwembubhiso yaseSodoma." Manje sibheke isibonakaliso.

197 Manje ake sithathe izimo zesikhathi njengoba kwakunjalo eSodoma. Qaphelani, bonke baphumela kokwaseSodoma, izwe.

198 Ngicabanga ukuthi omunye wabaqondisi bezithombe zamabhayisikobho wabeka isithombe, esikhathini esingeside esedlule, futhi ngadingeka ngisibone, lelo kwakuyi, *Sodoma*, Uma uke usibone futhi akukho lutho olunye kuphela lokho, ake usibuke. Kuyisithombe esihle impela seUnited States namhlanje, iHollywood, impela nje; uhlobo olufanayo lokugqoka nakho konke okunye ababekwenza njengayo impela leyonkathi; okukhulu ukuzitika kwababadakiwe nakho konke okunye, abantu bezenkolo yenkoloze, ababizwa kanjalo ngabenkolo.

199 Qaphelani, neSodoma lalinofakazi, futhi kwakungumfo ogama linguLoti, okwabe nje kungumshana ku—kuAbrahama.

200 Manje, uAbrahama akehlelanga eSodoma, yena neqembu lakhe. Wayeneqembu elikhulu linaye, lenele ukulwa cishe nedazini lamakhosi nempi yawo. Ngakho, wayeneqembu elikhulu linaye. Futhi wayehlezi phandle lapho phansi kwesihlahla som-okhi, ngolunye usuku, ngenkathi yonke into yayimhambela kabi; akukho-muntu owayezihlanganisa naye, kodwa wayesalokhu ebambelele kulesosithembiso.

Bhekisisani manje, ngokusondela, ngaphambi kokuba sivale.

201 Esahlezi lapho, ezansi kuza lendoda amathathu, iza kuye. Amabili awo ehla angena eSodoma ase eshumayela iVangeli kubo, ukuba baphume, kuLoti. Kunjalo na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] Kodwa Eyodwa yahlala noAbrahama. Qaphelani, le Eyodwa eyahlala noAbrahama yayinguNkulunkulu uqobo lwaKhe. Amanye amabili ayeyizithunywa eziyiziNgelosi.

202 Manje, ezansi eSodoma, abenzanga zimangaliso, ukuphela ukubashaya ngobumpumputhe. Nokushumayela iVangeli njalo kubashaya ngobumpumputhe.

203 Manje bukani isethi yangalolosuku. Kukhona ibandla lokwemvelo. Njalo kuhamba ngakuthathu, njengoba ngishilo izolo ebusuku, uNkulunkulu umelwe. Kwakukhona abaseSodoma; abakaLoti; nabaka-Abrahama. Kusesimweni esifanayo kulobubusuku, izwe lihleleke kanjalo nje.

204 Ake nginibuze okuthize. Bukani kulokhu ukuhleleka manje. UAbrahama wabiza loMuntu owakhuluma kuye ngo, "Elohim." Igama lesiHeberu *Elohim* lichaza "Owenele konke, Lowo OngunaPhakade," Elohim, uNkulunkulu uqobo lwaKhe!

205 Ekuqaleni, uGenesisi 1, wathi, "Ekuqaleni uNkulunkulu. . . " Thatha igama lesiHeberu lapho, kumbe, noma igama lesiGreki, njalo, "Ekuqaleni u*Elohim* wadala amazulu nomhlaba."

206 Lapha, Yena, kuGenesisi, cishe kwesama 22 lapha, Uyasho futhi, noma—noma cishe kwesama 20, Wathi, futhi wabiza igama laleNdoda ngo "Elohim." Wakwenzelani na? UNkulunkulu, emelwe enyameni yomuntu, owahlala phansi noAbrahama futhi udla amasemishi ethole, ephuza ubisi, futhi edla isinkwa. UNkulunkulu uqobo lwaKhe, futhi wanyamalala khona impela phambi kuka-Abrahama.

207 Kodwa Umnika isibonakaliso. Qaphelani. Nalesosibonakaliso sasingukuthi Wayehlezi Efulathele ithende.

208 Futhi khumbulani, uAbrahama, igama lakhe lalingu*Abrama* ezinsukwini ezimbalwa phambi kwalokho, noSara wayengu*Sarayi* ngaphambi kwalokho; S-a-r-a-y-i lase liba nguS-a-r-a, noA-b-r-a-m-a liba nguA-b-r-a-h-a-m-a. *Abrahama* kusho ukuthi "ubaba wezizwe."

209 Manje bhekisisani ngempela lapha, futhi sizobona ukuhleleka kwehora esiphila kulo manje, njengoba uJesu asitshela ukuba sibheke lokhu ukuhleleka. Sikubonile konke khona manje; manje asibone eNzalweni yobukhosi, ukuthi kuhleleka kuni abafanele bakubone.

210 Manje loMuntu wathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?"

NoAbrahama wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

211 Manje, Wayengakaze ambone. Wazi kanjani ukuthi igama lakhe lalingu*Abrahama* na? Wazi kanjani ukuthi igama lakhe lalingu*S-a-r-a* na? "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?"

Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

212 Yathi, "Ngi. . . " "Ngi," isabizwana somuntu. "Ngizokuvakashela ngokwesithembiso. Umkakho uzoba nayo leyongane. UNgethembile, manje Ngizokwenza kufezeke."

213 NoSara, ethendeni, ngemuva, ukulalela ucashile noma ukuwisa indlebe, noma ngabe nikubiza ngokuthini, elalele ngethende, yena wahlekela ngaphakathi, futhi wathi, "Manje,

mina, owesifazane oseguge njengami, ngibe nenjabulo nenkosi yami; nayo isigugile, futhi, phandle lapho isineminyaka eyikhulu ubudala na? Ngani, lokhu bekungakenzeki iminyaka eminingi, ningi."

214 NoMuntu, M-u-n-t-u, ehlezi lapho edla, esenyameni yomuntu, ephuza futhi edla njengomuntu ojwayelekile; enothuli ezingutsheni zaKhe, futhi wayenothuli ezinyaweni zaKhe, noAbrahama walugeza walususa. UNkulunkulu, uqobo lwaKhe, waqalaza, Wayesethi, "Uhlekeleni uSara, ngemuva ethendeni, esho *lokhu* na?" Wayazi, wayekwazi ukwahlulela imicabango kaSara ethendeni, emva kwaKhe. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

215 Manje, ngenkathi iNzalo ka-Abrahama yobuKhosi ifika emhlabeni, sibonakaliso sini Eyasibonisayo, iNdodana yomuntu. USimoni wakhuphukela kuYo ngolunye usuku; uAndreya wamletha. Yathi, "Igama lakho unguSimoni. Uyindodana kaJonase," Yasho. Niyabo, lokho kwamenza ikholwa.

216 UFiliphu waya ngale wathola uNathanayeli; uyabuya, wathi, "Woza, ubone uMuntu Esim—esimfumene; uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

217 Wathi, "Manje awulinde kancane. Kukhona okuhle okungavela kulobobuhlanya na?"

Wathi, "Woza, ubone."

218 Ngakho lapho uFiliphu ekhuphukela eBukhoneni bukaJesu, noNathanayeli, uJesu wambheka ngale wayesethi, "Bheka umIsrayeli okungekho-nkohliso kuye."

Wathi, "Rabi, Ungaze nini na?"

219 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona."

220 Wathi, "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu. UyiNkosi kaIsrayeli!"

221 Ngenkathi owesifazane omncane emthonjeni, esesimweni sakhe sokungaziphathi kahle, uyakhuphuka, into encane ebonakala ngasikhathi-sinye kanje, ukuyokha amanzi. UJesu wayethume abafundi baKhe, ukuba bayothenga ukudla komphako. Ngenkathi ekhuphuka ezokha amanzi, Wathi, "Ngiphuzise, sifazane."

222 Wathi, "Akusilo isiko lokuthi Wena usho lokho. Sinokwehlukana lapha. Manje, nina-maJuda anihlanganise lutho nathi thina maSamariya; asihlanganise lutho nani."

223 Wathi, "Kodwa, sifazane, ukuba bewazi ukuthi ubukhuluma noBani, ubuyocela kiMi amanzi. Bengizokunika amanzi ungezi uzokha lapha."

224 Wathola lapho isimo sakhe sasikhona, ukuthi sasiyini. Wathi, "Hamba ulande indoda yakho uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

225 Wathi, "Usho iqiniso. Ubunayisihlanu, nalena ohlala nayo kalokhu ayisiyo eyakho."

226 Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Siyazi uma uMesiya efika Uyosikhombisa lezizinto." [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane—Umhl.]

UJesu wathi, "NginguYe."

227 Kulokho, wagijimela emzini wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzileyo. Kungebe nguye impela uMesiya lona na?"

228 Bhekisisani, Wakwenza lokho phambi kwamaJuda, namaSamariya, kodwa akazange kwabeZizwe. AbeZizwe, thina-bantu, sasingabahedeni ngalezozinsuku, ezinye izizwe, setshethe isagila emhlane wethu, sikhonza izithixo. Sasingafune-Mesiya.

229 Ubonakala kuphela kulabo oMfunayo, futhi sifanele sifune Yena.

230 Kodwa labo ababezisho ukuthi bafuna Yena, ibandla uqobo lwalo, sebekubonile lokho kwenziwa, bathi, "Ungudeveli. Ungumbhuli, unguBelzabule!"

231 NoJesu wathi, "Lesosono bayothethelelwa sona," ngoba Wayengakafi. "Kodwa," wathi, "ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyofika futhi wenze into efanayo, futhi ukukhuluma izwi elilodwa elimelene naWo akusoze kwathethelelwa." Lolo yilolusuku, lapho khona lonke iZwi lizofanele lilenge ndawonye. "Ukhulume izwi elimelene naLo; akusoze kwathethelelwa kulelizwe noma ezweni elizayo."

232 Leyo kwakuyiNzalo yobuKhosi ka-Abrahama. Futhi nansi lapha leyoNzalo yobuKhosi ka-Abrahama, efika ngenxa yaleyonkomba yalowoMuntu ehlezi lapho noAbrahama, ifikela ukuzofakazisa ukuthi kwakunguNkulunkulu ofanayo, ethembisa kulolusuku, "Njengokuba kwenzeka ezinsukwini zaseSodoma, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, lapho Izembula Yona uqobo njengeNdodana yomuntu." Amen. Yilolusuku lwalomBhalo ukuba ugcwaliseke.

233 Bukani ekuhlelekeni esinakho namhlanje. Bukani ibandla lapho iNdodana kaNkulunkulu . . . Bukani usuku oluhwaqabele. Bukani zonke iziprofetho. Manje, into eyinqaba, okwethu ukuvakasha- . . . sekuyisikhathi sakho-ke, uma ukuhleleka kuzofana njengaseSodoma.

234 Beza bebathathu, indoda amathathu agqamileyo ethunywe evela eZulwini. Sizokuvuma lokho. Emathathu; Eyodwa yahlala noAbrahama. Onke aqala lapho, kodwa Eyodwa yahlala noAbrahama. Onke amanye ehlela eSodoma. Kunjalo na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] NoAbrahama wayesenegama

elishintshiwe, lisuka kuAbrama liya kuAbrahama. Qiniso? [“Amen.”]

235 Akukaze nakanye ukuba umlando, ibandla lezwe, like libe nomvangeli oya kulo, enegama eligcina ngo h-a-m, kuze kube yilolusuku, uBilly G-r-a-h-a-m. Kunjalo na? [Ibandla, “Amen.”] U G-r-a-h-a-m izinhlamvu eziyisithupha. U A-b-r-a-h-a-m yizinhlamvu eziyisikhombisa. Kodwa u G-r-a-h-a-m yizinhlamvu eziyisithupha, okuyizwe, umuntu. Niyabo?

236 Bukani ukuthi kuphumeni lapho, namhlanje, yilezozithunywa ezivela eZulwini.

237 Ngabe ukhona umuntu emhlabeni onokuphenduka kushunyayelwa ngokucace bha njengoBilly Graham na? Ngabe uke wabakhona umuntu oke waba nempumelelo phezu kwabantu, njengoBilly Graham na? Akakaze abekhona, ngokwezizwe ngezizwe, umuntu. O, uBilly Sunday, kanjalonjalo, wayelapha eUnited States, kodwa uBilly Graham waziwa umhlaba wonke. Niyabona ukuthi ubiza kuphi? Ngaphandle kweSodoma.

238 Futhi uneqembu lakhe elimphelekezelayo lapho nebandla lamaPentecostal, uOral Roberts.

239 Kodwa kuthiwani ngeqembu eliKhethiwe na? Hlobo luni lwesibonakaliso abafanele balubone na? Bafanele babe nani na? Haleluya! “Kuyakuba khona ukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.” Namuhla lomBhalo ugcwalisekile. [Ibandla liyajabula—Umhl.] Namuhla isithembiso sikaNkulunkulu sigcwalisekile. Siyakwazi lokho ukuthi kuyiQiniso. Ukhona lapha kulobubusuku njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi.

240 Manje, ukulishumayela, engikushilo esikhashaneni esedlule, uma ushumayela noma yini futhi kuyiQiniso leVangeli, khona-ke uNkulunkulu ubophezelekile ukuba akuqinisekise lokho. Kuyiqiniso lelo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, uma lokho kunjalo, makuthi uNkulunkulu owabhala iZwi, makuthi uNkulunkulu owenza isiprofetho, makuthi uNkulunkulu onguNkulunkulu weZwi, avele futhi afakazise ukuthi Usenguye uNkulunkulu.

241 Lapho uElija enyukela entabeni; eqaphele, uElisha wenyuka eqaphele uElija, wathi, “Ngifuna okuphindwe kabili.” Nengubo eyayikuElija yawela phezu kukaElisha. Wahamba wehla, futhi kwaphindeka kabili lowoblankethe futhi washaya umfula, wayesethi, “Uphi uNkulunkulu kaElija na?” Nento efanayo eyenzeka kuElija, yenzeka kuElisha.

242 NeVangeli elifanayo, aMandla afanayo, iNdodana yomuntu efanayo eyayikhona izolo, inamuhla, futhi iyoba phakade. AmaHeberu 13:8. NiyaKukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje-ke, ngiyanibuza. Ngeke ngaba nguYe, kodwa Ulapha. [“Amen.”] Thina singumthwali kuphela.

243 Abanye babantu benu phandle lapho, ogulayo nohluphekile, enaziyo ukuthi anginazi, makuthi uNkulunkulu manje . . . uma ngingazithoba ngokwenele. Khulekani nicele uNkulunkulu.

244 Angiqageli . . . Alikho ikhadi lomkhuleko endlini, ngabe likhona na? Qhabo, angi . . . Asizange siwakhiphe amakhadi omkhuleko. Sizoba nomhlangano womkhuleko . . . noma ukuphiliswa kwabagulayo, ebandleni. Kodwa, khulekani.

245 Futhi niyazi ukuthi ngiyisihambi ngokuphelele kini. Niyabo, niyangazi, Jeffersonville! Angifuni abantu baseJeffersonville benze lokho. Ngifuna abantu bakude ukusuka lapha ndawondawo. Sibone ukuthi uNkulunkulu usembula yini! Sibone ukuthi Usenguyena yini izolo, namuhla, naphakade!

246 Yenzani njengoba kwenza owesifazane omncane. Wedlula, futhi wathi, "Ngiyamkholwa loMuntu." Wayenomopho, futhi wathi, "Uma ngingathinta umphetho wengubo yaKhe, ngikholwa ukuthi ngizosinda." Kunjalo na?

247 Ngenxa yokukholwa kwakhe, lowomuhla, umBhalo wagcwaliseka. "Ubopha inhliziyo yonhliziyo yaphukile, waphilisa abagulayo nezishosha."

248 Lapho ethinta ingubo yaKhe, futhi waphuma futhi wahlala phansi, Wajika wayesethi, "Ubani oNgithintile?" Wayeyoke Azi kanjani, kulesosixuku esikhulu esiminyene sabantu, mhlawumbe siphindwe kamashumi amathathu kulesi esilapha kulobubusuku, izinkulungwane zabo na? Wakwazi kanjani na? Wathi, "Ubani oNgithintile na?" Akakushongo lokho ukuba akusho nje; Washo lokho ngoba kwakuyiqiniso. Futhi Wathi, "Ubani oNgithintile na?" Futhi emva kwesikhashana Waqalaza wase eyambona owesifazane omncane, lapho ayehlezi khona noma emi khona, noma yiyiphi indawo ayemi kuyo, wamtshela ukuthi umopho wakhe wase uphelile.

249 Lowo kwakunguJesu izolo. Lowo nguYe namuhla. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

250 Angikwazi; uNkulunkulu uyakwazi. Kodwa unezinhlungu ohlangothini lwakho, obukukhathazayo. Kunjalo. Uhlezi lapho ukhuleka mayelana nakho. Ngabe ngiyisihambi kuwe, futhi siyisihambi komunye nomunye na? Sukuma, uma kunjalo. Angikwazi. Yi*lo*muntu khona lapha ekhoneni, lomfo osemncane. Nawe futhi unomphimbo omubi. Kunjalo. Ukhuleka mayelana nalokho. Uguliswa yimizwa yonke indawo ngenxa yento ethize. Uzowushiya umhlangano ngoba, ungumfundisi, unezinye izithembiso ofanele uzinakekele. Kunjalo. Ehhe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukuthi ungubani na? Mfu. Mnu. Smith, manje usungahamba futhi uphiliswe. UJesu Kristu usekusindisile. Qhubeka uye emhlanganweni wakho; umphimbo wakho ngeke ukukhathaze.

Uthinte bani na?

251 Kukhona indoda ehlezi khona *lapha* emuva; iyagula. Inethumba ephashini layo lesokunxele. Ayi . . . Ayisiyo eyalapha. Kade uyisisebenzi sasemayini. Kunjalo. Ngiyisihambi ngokuphelele kuwe. Uma lokho kunjalo, nyakazisa isandla sakho. Ithumba ephashini lakho lesokunxele, futhi ulungele ukuhlinzwa masinya. Kunjalo na? Awusuye owalapha. Ungowangaphandle kwedolobha. UngowaseVirginia. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukuthi ungubani na? Mnu. Mitchell, kunjalo, hamba uye ekhaya futhi uphile. UJesu Kristu uyakusindisa. Buza indoda! Angikaze ngiyibone, empilweni yami. Ibihlezi lapho, ikhuleka.

Namuhla lomBhalo!

252 [UMfowethu Branham ufulathela ibandla—Umhl.] Nanti inenekazi lihlezi khona ngemuva lapha, emva kwami, njengoba uSara wayenjalo ethendeni. Likhulekela indodakazi. Sukuma. Indodakazi ayikho lapha; ihambile, indodakazi. Futhi ufana njengoba kwakunjalo ngenkathi owesifazane eza kuJesu, owayenowesifazane owayekhwele ngudeveli ngokwesabekayo. Owesifazane u . . . intombazane ikhwelwe yidemoni. Ayikho lapha. Ingeyase . . . UngowaseNyakatho Carolina. Uyakukholwa lokho na? Futhi lelo yiqiniso, akusilo na? Nkk. Orders, usungaya ekhaya. Uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke, uzothola indodakazi yakho njengoba yatholakala ngenkathi uJesu Kristu ezinsukwini ezadlulayo, athi kwase kuphilisiwe.

253 Namuhla lomBhalo; isibonakaliso saseSodoma, isibonakaliso seNzalo ephakeme, isibonakaliso sebandla lemvelo! Namuhla lomBhalo ugcwalisekile phakathi kwenu. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

254 NizoMemukela khona manje njengoMsindisi wenu, umphilisi na? Sukumani nime ngezinyawo zenu, nonke, nithi, "Ngiyakwemukela ukuphiliswa kwami. NgiyaMemukela njengoMsindisi wami. NgiyaMemukela njengeNkosi yami." Ngamunye yimani ngezinyawo zenu.

Namuhla! Lalelani, bangane.

255 "Wafunda umBhalo, wabuyisela iBhayibheli kumpristi, futhi," wathi, "onke amehlo abantu aMgqolozela. Wase Ebabuka, wayesethi, 'Namuhla lomBhalo ugcwalisekile.'"

256 Ngifunde umBhalo, nedazini noma obunye obuningi izimfakazo ezibonakalayo ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina, isizukulwane esiyobona uJesu Kristu ebuyela emhlabeni. Futhi ngithi kini kulobubusuku, futhi, namuhla lomBhalo ugcwalisekile ebusweni benu.

257 Nina eniseTuscon, nina eniseCalifornia, nina eniseNew York, kulokhu ukuxhunywa kotelefoni, namuhla lomBhalo ugcwalisekile ebusweni benu.

258 Masijabule sithokoze, ngokuba uMshado weWundlu ufikile, futhi, Yena (uMlobokazi), uMlobokazi waKhe uzilungisele.

259 Asiphakamise izandla zethu futhi siMnike udumo, nonke nina-bantu. UNkulunkulu anibusise. [Ibandla liyaqhubeka lijabula futhi lidumisa uNkulunkulu—Umhl.]

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org